# UMuntu Ebaleka Esuka EBusweni BeNkosi

Asikhothamise amakhanda ethu. Nkulunkulu othandekayo, siyajabula kulentambama ngalenhlanhla esinayo yokuzibuthela ndawonye kanye futhi. Futhi Wena wedwa, Nkosi, uyazi ukuthi izinhliziyo zethu ibililangazelele kanjani lelihora ukuthi lapho singama phambi kwabantu baKho futhi lapha, futhi silethe loMlayezo esiwuzwa ngokubaluleke kakhulu ukuthi uphuthuma kakhulu kulelihora. Wena usabele lezizinsuku ezimbalwa manje, futhi siyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi isandla saKho somusa sizoba phezu kwethu, ukusihola nokusiqondisa. Futhi usiphe lezozinto esizidingayo, Nkosi, ngokuba izinhliziyo zethu zilangazelela ukwazi Wena kangcono.

2 Sibona insimu enkulu yokuvuna, imhlophe, isivuthiwe, futhi sazi okusanhlamvu sekusilungele manje isikhathi esikhulu sokubhula. Nkulunkulu othandekayo, sikhulekela ukuthi Uzohluba amakhoba macala onke kithi, masizibeke eBusweni beNdodana manje, lezizinsuku ezimbalwa ezilandelayo, futhi sivuthwele eMbusweni kaNkulunkulu.

3 Busisa onke amaculo azoculwa. Busisa wonke umkhuleko, futhi uphendule yonke ezokhulekwa, Nkosi. Sindisa bonke abalahlekileyo. Babize babuyele endlini kaNkulunkulu ophilayo, nasenhlanganyelweni, labo abaye bazulazula.

4 Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu ogulayo oza ngaphansi kophahla lwethu. Siphe khona, Nkosi. Sengathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu ekupheleni kwalemihlangano.

5 Futhi, Nkulunkulu othandekayo, khona-ke ngokwethu, thina esizisho kulelihora ukuthi siyiBandla, abaBizelwe ngaphandle, labo abasemhlabeni jikelele ophume eBabiloni nokuba ngabahlanganyeli balenhlanganyelo emangalisayo kulolusuku lokugcina, siyakhuleka Nkulunkulu ukuthi Uzobusisa izinhliziyo zethu ngendlela enjalo. Silambe ngempela, Nkosi, futhi sithulule zonke izinto zezwe, esizaziyo. Nkosi, silahle konke okusindayo okuthandela kalula kithi, futhi manje masigijime lokhu kuncintisana ngokubekezela, esikumiselweyo. Siphe khona, Baba. Futhi sengathi singaqina, sibe namandla, amaKristu angcono, ekupheleni kwalenkonzo, kunoba besinjalo ngenkathi singena. Sengathi uNkulunkulu angathola lonke udumo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

6 Ngicabanga ukuthi lena yinhlanhla enkulu kakhulu, kulobubusuku, esengiyilindele isikhathi eside. Ngelinye ilanga

ngangitshela umkami, ngathi, "Ngiba nokwethuka kakhulu, ngilinde ukungena etabernakele." Nje ngi . . . Nginabanye abangane, kusobala, nginabo, umhlaba jikelele, kodwa kukhona okuthile okunye mayelana nalelitabernakele lapha.

Ngathathwa kululuthuli ngalapha, ngenkathi uNkulunkulu enginika ukuphila lapha emhlabeni; futhi ngiqagele, uma Elibala, ngiyongcwatshwa lapha ndawo ndawo. Lapho Efika, Uyongithola lapha ndawo ndawo.

7 Kodwa, kubukeka sengathi, kukhona okuthize, lapho ngihamba ngicabanga ngeJeffersonville. Ngelinye ilanga ngaba nesizungu kakhulu; ngasho kumkami, ngathi, "Ngikhumbul'ekhaya, futhi angazi ukuthi ngikhunjuliswe yin'ekhaya, ngaphandle uma kuyilabobantu abangikhulekelayo." Ngathi, "Awu, ngizo . . . Into kuphela engikwazi ukuyenza ngukubuyela emuva futhi ngibe nezinsuku ezimbalwa zomhlangano, ngibone ukuthi singeke yini sathola okuthize eNkosini, mhlawumbe Ifuna sazi okuthize."

Futhi enkulu, indaba ebalulekile esinayo phambi kwethu manje ngu*Mshado NeSahlukaniso*. Futhi uma kukhona umbuzo, kufanele kubekhona impendulo. Ngeke kwabakhona umbuzo ngaphandle uma kukhona impendulo. Akunandaba ukuthi kuyini, kufanele kubekhona impendulo. Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuzama ukukhuluma ngalokho, ngeSonto ekuseni.

8 Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, ngicabanga ukuthi sizofanele sibe senhla lapha e . . . Sibizwa ngokuthini lesosikole na? [UMfowethu Neville uthi, "Parkview."—Umhl.] Ihholo elikhulu iParkview. Ini, mnumzane? ["IParkview Junoir High."] IParkview Junoir High. Bangaki owaziyo ukuthi kukuphi na? Awu, ngiqagele bazoba nezimpawu abazozikhipha, abazukuba nazo yini, Mfowethu Neville na? ["Yebo."] Yibani . . . Kungaphezulu nje lapha cishe—cishe amakota amathathu emayela, futhi kuzoba nophawu. Jika ubheke emuva, uchezuke emgwaqeni. Ngenhle, isakhiwo esiphakeme. Inezindawo lapho ongakhipha khona ingalo yakho, futhi uthathe amanothi alokho ofuna ukukubhala, ne—ne—nezinto. Futhi ngiqinisekile nizoyijabulela kakhudlwana kunoma beningakwenza, nithi ukufingqana nigoqane emihlanganweni lapha e—etabernakele. Kuzoba nendawo eyinqwaba, indawo yokupaka eyinqwaba.

9 Manje, ngicabanga ukuthi babenomtheshwana esidingeke sethembise ukuzibophezela kuwo, lokho bekungukuthi, ukungezi enkundleni kuze cishe kugamanxe elesithupha. [UMfowethu Neville uthi, "Singezi kuze kugamanxe elesihlanu; singabi lapho ngaphambi kokugamanxa kwelesihlanu."—Umhl.] Futhi sikhathi sini . . . ["Iminyango ivulwa ligamenxe elesithupha."] Ngikholwa ukuthi bekungaba ngumqondo omuhle kithi ukufika lapho ligamenxe elesithupha.

Manje, banelinye ihholo elikhulu lapha edolobheni elihlala izinkulungwane eziyisithupha. Uma siziphatha kahle ngempela kuleli, bangahle basivumele sibe nelinye ngesinye isikhathi okomhlangano omkhulu, mhlawumbe sikhathi-simbe kulelihlobo lapho sengibuya phesheya kwezilwandle.

10 Futhi ngakho ngicabanga ukuthi singahlalisa kuze kube . . . Singahlalisa abangaki phezulu lapho na? [UMfowethu Neville uthi, "Singahlalisa cishe izinkulungwane ezine."—Umhl.] Izinkulungwane ezine. Ngakho, niyabo, sizoba nendawo eyinqwaba. Ngeke kubebikho-kuphuthuma. Futhi ngakho yenyukani ligamenxe elesithupha. Bese-ke wonke umuntu angangena ngesikhathi esifanele, wonke umuntu ndawonye, futhi ngineqiniso nizo—ninesihlalo esihle. Futhi siphakeme njenga*lesi*, ne—nendawo lapha lapho ongabhala khona futhi ubhale phansi amanothi, kanjalonjalo. Futhi lokho kuzoqala, uma iNkosi ithanda . . .

11 Ngiyacabanga manje, kulobubusuku, lona kungumhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku, sine . . . Indawo isithi nje ayigcwale, ngakho ngicabanga ukuthi mhlawumbe kungcono siqale kusasa ebusuku. Siyiqashile nje ngamathemba okuthi mhlawumbe, uma sizokwenela ukuba sibe nokuchichima lapha, singenyukela lapho. Kodwa ngikholwa ukuthi ku . . . kungaba ngcono kunakho konke ukuqhubeka nokwenyuka, awucabangi kanjalo, Mfowethu Neville, ukuqhubeka ukhuphuka kusasa ebusuku na? Futhi bangaki ocabanga ukuthi lowo kungaba umqondo omuhle na? Futhi khona-ke ningaba neyinqwaba i—indawo. I—isivele iqashiwe; ikhokhelwe abanye abazalwane lapha ebandleni. Isibize nje amashumi amahlanu amadola ubusuku, okungempela, ngempela . . . Ngifisa sengathi benginalokho ndawo zonke, ebingakwazi ukuhlala abaningi kangako ngamashumi amahlanu amadola ubusuku, isakhiwo esisha-sha, isiteji esihle. Futhi, kodwa si . . .

12 Kusobala, sizothatha iminikelo, ngiyethemba. Futhi asifuni lawomadoda ukuba azikhokhele lokho; sizokhokhela . . . sibabuyisele. Kodwa lapho sesithola izindleko zethu nezinto, awu, khona-ke, kusobala, siyayeka ukuthatha iminikelo. Asi . . .

13 Uma kukhona noma yiziphi izihambi zinathi, sikwenze lokho kwaba yinqubo-mgomo, ukuba singanxibi neze, isinxibi, sifuqe abantu ngenxa yemali. Sedlulisa ipuleti lenkongozelo, okungukuthi nje li . . . Lokho kuyisenzo senkolo. Ngikuzamile, izikhathi eziningi, ngingadlulisi ngisho ipuleti lenkongozelo, nhlobo, kodwa akusebenzi. Niyabo? Ngoba, ukupha kuyingxenye yenkolo yethu. Yingxenye yomsebenzi wethu. Akunandaba noma nje kungusheleni, kumbe noma ngabe kuyini, noma upeni, konke ku . . .

14 Ngakho niyakhumbula, uJesu ebone umfelokazi edlula, ngoluny'usuku, lapho izicebi sasifaka okuningi kwengcebo

yazo esikhwameni. Nalomfelokazi wedlula, mhlawumbe abathi ababe babili abancane, abantwana abalambile behamba eceleni kwakhe, futhi wanikela ngakho konke ayenakho, odenariyu abathathu. NoJesu wathi, "Ubani okhokhe kakhulu na?"

15 Manje, ukuba ngangikade ngimi lapho, ngangiyothi, "Ungakwenzi lokho, dadewethu. Thina—thina, buka, sinemali eyinqwaba." Kodwa Akazange amyekise. Niyabo? Wa—Wayazi ukuthi Wayenokuthize okukhulu ngokuthe xaxa kwakhe ezansi emgwaqeni. Ngakho, niyabo, empeleni, wayenekhaya eNkazimulweni, ayeya kulo. Futhi Akazange amyekise. Wamdedela wafaka odenariyu bakhe abathathu, ngoba kwakungukuthi nje wayefuna ukukwenza. Futhi wayefanele afune ukukwenza; enabantwana, futhi umfelokazi, futhi odenariyu abathathu kuphela bokuba aphile ngabo. Yena, wayefanele afune ukwenza lokho. Ngakho, niyabo, lapho abantu befuna ukunikela, ufanele ubanikeze ithuba lokwenzenjalo.

16 Kodwa ngicabanga ngalaba abamile, nabantu bethi, "Ubani ozonikela ngamashumi amahlanu amadola na? Ubani ozonikela ngamashumi amabili amadola na?" Ngicabanga ukuthi lokho kuyalimaza ebuhlakanini benu—benu. Ngi—ngicabanga ukuthi abantu uyaqonda ukuthi kuthatha imali uku—ukubamba u—umhlangano. Futhi angikaze ngibavumele bakwenze, izimenenja. Ngathi, "Noma yinini lapho nidinga ukuba nenze lokho, khona-ke kuyisikhathi sokuba mina ngibuyele emuva etabernakele. Ngakho, asizukudingeka ukuba senze lokho." Kodwa ngi—ngicabanga ukuthi sidingeka siledlulise ipuleti lomnikelo, uku—ukuze siyenze ibe yinkonzo ephelele yenkolo.

17 Futhi ngakho cishe bazoledlulisa ipuleti lomnikelo omncane ubusuku ngabunye, sisho into ethize enjengokuthi, "Awu, sithatha umnikelo manje." Futhi bazokwedlulisa ipuleti lomnikelo, futhi lokho kuzo—lokho kuzoba ukuphela kwakho.

18 Futhi ubusuku ngabunye, uma iNkosi ithanda, ngicabanga ukuthi iNkosi ibeke enhliziyweni yami uMlayezo onquma juqu weBandla. Sengibenezinsuku eziningana ngisemkhulekweni. Futhi angizukungena kulokho, ngoba isimanga esivelayo esikhulu senzeka ngeliny'ilanga esasisikhulu impela. Futhi ngishisekele ukunitshela ngaso. Futhi manje, indaba enkulu, ngiyethemba, okungukuthi iningi lonke labo, uBilly ushilo, bebeshaya ucingo, bekungu*Mshado NeSahlukaniso*. Okungukuthi, yindaba enkulu—enkulu, futhi bengi—ngingazi ukuthi ngizoyiqhamukela kanjani. Futhi ngenyuke ukuyokhuleka ngayo, neNkosi yahlangabezana nami. Futhi ngiyazi ukuthi mina, nge. . . Anginayo, kodwa uNkulunkulu uyinikeze mina; senginayo manje. UNkulunkulu unginike impendulo eyiyona yona, niyabo, niyabo, futhi ngi—ngiyazi ukuthi iyiqiniso.

19 Ngakho angikazi nje kahle-hle, mhlawumbe, ngeSonto ngingahle ngicele odadewethu ukuba nje baphuthe emhlanganweni, bona uqobo, kodwa a—angazi. Kuzoncika ekutheni abesifazane abashadile ufuna ukuza nabayeni babo. Kukhona—khona izinto ezisemqoka ngempela ezizoshiwo, iqiniso mayelana, nokuthi kanjani. . . Futhi ngakho sifuna ukukweneka ngokoqobo, okuka-ISHO KANJE INKOSI, khona-ke senikutholile. Niyazi ukuthi yini iQiniso khona-ke. Futhi ngethemba Yena ukuba akwenze lokho.

20 Futhi, manje, ngangisenhla lapha esitolo othenga udlele kuso ngelinye ilanga, ngidla, no—noJerry nabobonke ngicinga nina nonke. Bathi, bathi, "Awu, si. . . " Abanye, omunye wabafana wayesenhla, wathi, lomfo wathi, "Ngizophumelela kahle kakhulu kuleliviki," wathi, "bane. . . Noma, lamaviki amabili alandelayo." Wathi, "Bano—nomhlangano lapha, womdlalo webhaskethibholi, noma enye into." Wathi, wayesethi-ke, "UBranham usezansi lapho, uzoba nomhlangano." Wathi, "Ngizophakela inqwaba eningi yabantu." ERanch House, enye yalezozindawo enhla lapho. Futhi babe. . . babenomoya omuhle ngempela.

21 Futhi nginithakasela nonke, ngoba ngempela baqhoshile futhi basho izinto ezinhle ngani.

22 Imenenja enhla lapho eRanch House yahlangana nami ngokunye ukusa. Ngangena cishe ligamenxe elesibili, ngivela e-Arizona. Futhi yathi, "Awu, Mfowethu Branham," yathi, "Ngizwa ukuthi uzoba nomunye umhlangano." Yathi, "Nginolunye usizo olwengeziwe," yasho. Futhi yathi, "Manje-ke ngifuna ukusho into eyodwa, ukuthi labobantu abavela ezansi lapho," yathi, "bangabantu abanomoya omuhle ngempela." Manje, lokho kwangenza ngazizwa ngikahle ngempela ngani, niyabo.

Isizathu, empeleni, ngizizwa nje ukuthi niyizinganyana zami, futhi ngi—ngi. . . noma, abantwana, njalo. Futhi ngakho ngi. . . Inganyana kubhekisele embuzini, futhi anisiyo imbuzi. Ningamawundlu ami. Kunjani lokho na? Ningamawundlu eNkosi Engivumele ngiwondle. Futhi ngethemba ukuthi kuzo—kuzo. . . ukuthi Izongivumela ngikwenze lokho. Sehla ngomgwaqo.

23 Futhi mayelana nalo*Mshado NeSahlukaniso*, bengifuna ukukhuluma ngawo selokhu kwaba ngesikhathi lezo ziMpawu eziyisiKhombisa. Niyazi, imfihl-. . . Zonke izimfihlakalo yayifanele yaziwe kuzo, zivule lezoziMpawu eziyisiKhombisa, zonke izimfihlakalo zeBhayibheli. Futhi ngiyacabanga manje, sengithi ukuba mdala, ngi—ngicabanga ukuthi ngi. . . Ngicabange ukuthi kungangcono okungenani ngikufake eteyipini, noma ngabe uma kuyoba khona okuthile okwenzeka kimi, khona-ke iBandla lingahle lizibuze, "Angazi ukuthi

wayenani engqondweni yakhe na? Wayezothini na?" Nazo zonke lezozindaba ebonakala inzima kakhulu; ngiyacabanga, i . . . ngosizo lweNkosi, ngizozama ukunilethela zona. Bese kuthi-ke—kuthi-ke uma kukhona okwenzekayo, futhi uma kwenzeka ngihamba ngaphambi kokuba Ifike, ni—niyoba nayo isiqoshiwe ngalesosikhathi.

24 Ngicabanga ukuthi sinezinye izincwadi ezintsha eziphumile. Ngibona uDadewethu Vayle; angazi noma udokotela ukhona noma akekho. Ngabe ukhona yini, Dadewethu Vayle na? Cishe usemhlanganweni. Angimboni. Kodwa, o, yebo, le ngemuva. Futhi uMfowethu Vayle ubhale incwadi, futhi yi . . . ngicabange, ngikholwa ukuthi bathe namhlanje, zimbili. Mfowethu Vayle, ngabe kunjalo, unezimbili lapha manje na? Izincwadi ezimbili. Manje, angazi, ngi . . . Indlela engiqonda ngayo, ukuthi umuntu ngamunye uthola ikhophi. Ngakho ngi . . . Uma u . . . Yileyondlela engiqonda ngayo. Ngingahle ngibe nephutha kulokho.

25 Futhi khona-ke *ImiNyaka YeBandla EyisiKhombisa* isiqediwe (Ngabe kunjalo, Mfowethu Vayle na?) futhi isiyashicilelwa manje. Futhi ngiyazi nizofuna ukuzithola, ngoba ziphendula inqwaba yemibuzo obusezinhliziyweni zenu. Bese kuthi-ke emva kwalokho, awu, sizozama ukuthola i*Zimpawu EziyisiKhombisa* ukuba zivulwe, niyazi, encwadini, ukuze kuthi yilowo nalowo afunde ngendlela aba—abafuna ngayo, bakwazi ukuqonda futhi bayifundisise. Ngicabanga ukuthi lapho isibhaliwe, uma i . . .

26 Kuqala, siyithathele kuyiteyipu ngqo, ngendlela eyabhalwa ngayo noma yakhulunywa ngayo. Niyazi, ungayishumayela intshumayelo, yinto eyodwa, bese-ke ukubhala incwadi kungokunye. Niyabo, njengoba kuyenzeka ngithinte indaba, njengoba ngingasho kini, niyoqonda, ngiyothi, "Manje, inzalo yenyoka," niyabo.

Awu, manje, umfundi waleyoncwadi, uma ususe lokho, uyomangala, "Yini inzalo yenyoka na?" Niyabo? Futhi bebengeke bazi. Uma lokho kwenzekile kwangena endaweni enjalo enjengePrinceton noma ndawo ndawo, futhi ba—bayocabanga ukuthi singabantu abanganabuhlakani.

Ngakho ngithole uMfowethu Vayle ukuba athi ukungisiza ngalokhu futhi agcine umugqa womcabango ofanayo, bese eyinikeza ukubhalwa nokukhulunywa kolimi. Futhi ngineqiniso ukubhalwa nokukhulunywa kolimi kwami bebeyo . . . Bekuzoba yimfihlakalo kubona, impela impela. Ngakho i . . . UMfowethu Vayle muhle ngempela kulokho, ngakho ufana ne . . .

27 Bese kuthi-ke, kulokho, ngicabanga ukuthi umfowethu oligugu kungenzeka ukuthi ucaphune ukuphefumulelwa okuthe xaxa kancane, ngandlela-thize, futhi uthe ubezobhala izincwadi ezithi azibe-mbili okungezakhe, ezisusa kuzo, kanjalo. Futhi ngakho ubhale eyodwa ethiwa, ngiyakholwa, *UmProfethi*

*WeKhulu-Minyaka lamaShumi Amabili*, nenye, *iBandla LaseLawodikeya*, ngiyakholwa, noma into efana naleyo.

28 NoBilly ungitshelile ukuthi, kulobubusuku, ukuthi ngikholwa ukuthi izinkulungwane eziningana zazo zifike namuhla; ukhona ofike nazo evela eTexas. Futhi ngakho, zona, zizoba lapha. Futhi bazokumemezela, ngiyacabanga, noma ngabe ziyini. Ngicabanga ukuthi ziyaxhaswa. Anginasiqiniseko. Futhi uma zinjalo, nizonikwa zona, niyabo, futhi, mahhala. Futhi sethemba ukuthi niyayijabulela. Futhi uma niyijabulela, xhawulani uMfowethu Vayle emuva lapho futhi nimtshele ukuthi nikuthakasela kangakanani. Angikaze ngiyifunde, qobo lwami. Uma ngingazifunda, ngingahle ngiguqule umqondo wami ngalokho, ngakho ngizozama ukuzifunda kuleliviki lapho nginethuba, uma ngingakwazi.

29 Manje njengoba kungoLwesithathu ebusuku, umhlangano wethu ngokusemthethweni uqala kusasa ebusuku. Kodwa ngicabanga ukuthi, ngokuba lapha phakathi kwenu, a—a—angikwazanga ukuhlala phezulu lapho endlini futhi—futhi ngazi ukuthi nonke benisezansi lapha. Ngi . . . Njengokuthi nje, niyazi, njengabanye bezihlobo zenu bangene, niyazi, bese ugijima uye ekupheleni komzila ukuba uzihlangabeze, niyazi. Futhi—futhi ngi—ngicabange ukuthi ngiyovele ngigijime nje ngehle futhi—futhi nginemukele eJeffersonville. Futhi ngakho kuleliviki eledlule mina cishe . . .

Qhabo, uxolo, sekungamaviki cishe amathathu edlule, ngifik'ekhaya. Bengiphumile ngizama uku . . . Bengikweminye imihlangano phakathi kwe-Arizona lapho, futhi ngibuyela ukuzama ukuziphumuza. Futhi ngahamba ngaya ohambweni lokuyozingela, futhi nga—ngathola irekhode lebhubesi lezwe lase-Arizona. Ngaligijimisa amamayela angamashumi amabili emithi yamapulangwe ukuze ngilithole.

30 Kodwa-ke ukucabanga, nokho, ukuthi angizange ngicabange ngenkathi ngisengumfanyana . . . Ukutshengisa nje ukuthi lezizinto zenzeka kanjani, indawana iNkosi esinikeze yona enhla lapho, okwezinyanga siphandle lapho, nesikole sezinganyana.

Ngangingumfanyana. Ngiqagele uJimmy Poole ukhona kulobubusuku, mhlawumbe ubaba wakhe ukhona, uJim omkhulu. Sasifunda ndawonye, futhi ngiyakhumbula ngihlezi lapho, njengomfanyana osemdala omanikiniki, nezicathulo, ngigqoke izicathulo zethenisi, izinzwane zingaphandle kwazo; ngiboleke isiqephu sephepha komunye, nepensela komunye.

31 Ngangivamise ukubhala ubunkondlo. Futhi uNkk. Woods, lapha, ungihayise leyo kulentambama eteyipini, ngeFord yami endala, niyazi, futhi nge—ngenhle. Manje, uthe, "Awu, ubufanele uthumele leyo kuMnuz. Ford."

Ngathi, "Liningi kakhulu iqiniso, ngiyakholwa," mayelana nokukhehlezayo ngaphambili, nokugedlezela ngemuva, nendida yamaShayina ngegiya lesitelingi. Kodwa ngi . . . YI—yi . . . Kodwa ngangihlale ngithi, into kuphela engangifanele ngiyenze ngukubala amathaya amane, bese ngiyinyakazisa ngokwenele ukuba iqale ukusitata bese-ke ngingena kuyo. Ngathi, "Kwakukuhle ngenkathi ngangiqala ukwenyuka igquma ngayo, nje ihambe idonse kancane ngempela, ithi, 'Ngicabanga ukuthi ngingakwazi, ngicabanga ukuthi ngingakwazi, ngicabanga ukuthi ngingakwazi.' Bese-ke iqala, elinye icala, ithi, 'Bengicabanga ukuthi bengingakwazi, bengicabanga ukuthi bengingakwazi.'"

Yileyondlela esidonsa ngayo leligquma, njengo *Hambo loMhambi*. Ngakho si . . .

32 Nganginenkondlo encane engayibhalayo, into enjengale. Futhi ngathi . . . Manje, cabanga nje, nganginеminyaka cishe eyishumi nambili kuphela ubudala. Futhi ngimi enhla lapho, ngeliny'ilanga, ngibuka phezulu kulowomgede; futhi ngicabanga, "Lelobhubesi lizobe lihlezi khona lapha kulelilawu, libuka ngaphandle efasiteleni," efasiteleni lengilazi. Ngangicabanga ngenkondlo encane. Ngabuyela emuva ngase ngiyicosha, into enjengale. Cabanga nje ukuthi kanjani uNkulunkulu . . .

33 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukukho konke ukuphefumulelwa na? UNkulunkulu ufanele abhale iculo. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu usemaculweni na? UJesu washo njalo. Wabhekisela emuva kuDavide, "Anazi yini ukuthi uDavide wathini emaHubweni na? Niyazi, aka . . . "

34 Bukani khona impela ukubethelwa. UDavide wakucula, emaHubweni ama 22, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na? Onke amathambo aMi, aNgibuka angigqolozele. Izandla zaMi nezinyawo zaMi bayazibhoboza." Niyazi, futhi lelo kwakuyiculo. AmaHubo yi—yiculo.

35 Futhi kulobubunkondlo, qaphelani nje ukuthi ifezeka kanjani. Ngihlezi lapho, inganyana endadlana enekhasi lephepha elibolekiwe, ngathi:

Nginesizungu, o, nesizungu kakhulu ngaleyoningizimu-ntshonalanga ekude le,
Lapho amathunzi ehla ajule kakhulu phezu kogedla lwentaba.
Ngingalubona uhlobo lwenkentshane oluhlala lucashile kulolonke ufasimba olunombala onsomi,
Ngingayizwa impisi impongoloza ezansi lapho amankomazi edla khona.

Nandawo ndawo phezulu engoxweni ngingalizwa ibhubesi libubula,
KulezoNtaba iCatalina ezikude, emgqeni wase-Arizona.

36 Eminyakeni engamashumini amane kamuva, ngihlezi khona lapho kuleyongoxe, lelobhubesi lingibuka ebusweni.

O Nkulunkulu, kukhona iZwe ngaphesheya komfula ndawo ndawo, bangane. Lona nje . . . Lifanele libelapho. Niyabo? Kukhona—kukhona okuningi ukukhuluma ngalo. Zonke lezizinto azisizo nje izinganekwane; ziyi . . . Ziyizinto zangempela. Zingokukhona. Ngiyajabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku, ukuba nalababantu engilindele ukuphila ngaLeya ingunaphakade nabo, lapho okungasayikubakho-kugula, noma ukufa, noma ukwehlukana. Futhi ukuhamba kuzobe kungaselutho kithi ngalesosikhathi.

37 Manje, ngicabanga ukuthi aku-mhlangano ophelele ngaphandle kokufunda iZwi nokuba nokuncane . . .

Mfowethu Neville, ngivele ngenyukela lapha. UBilly uthe ufune ukuba mina ukuba ngikhulume. Bekunjalo yini, Mfowethu Neville? [UMfowethu Neville uthi, "Amen. Yebo. Impela."—Umhl.] Ngingahle ukuba ngithathe kancane kakhulu, kodwa ngi—ngizizwe ngikahle kakhulu ngakho.

Ngakho, manje, wena onamaculo nezinto, bona uMfowethu Neville uma uzocula, bese-ke nje uba nawo, phezulu lapho. Futhi nje ube cishe nengxenye yehora ngaphambili, futhi asingene ngqo kuleMilayezo ejule ngempela futhi sibone esingakubona iNkosi ezokwenza. Futhi nje ngethemba . . .

38 Ngi—ngikholwa ukuthi sineQiniso. Ngenelisekile yilokho. Futhi ngikholwa ukuthi ukolo unjalo, ngokoqobo, ikhoba liyadeda kuwo. Niyazi. Futhi, niyabo, ngingahle nginikeze isingeniso esincane ngalokho, kusasa ebusuku, niyabo, ukuthi ikhoba lideda kanjani kukolo. Kodwa ukolo uzofanele ubekwe eBusweni beNdodana, ukuba uvuthwe. Futhi yilokho esikukhonela lapha, mngane, sihlale eBukhoneni beNdodana lize lithi iqembu lethu elincane labantu lapha, lize livuthwe kakhulu kuKristu, liba yisinkwa etafuleni laKhe. Yilokho engifuna likwenze.

39 Futhi manje ngaphambi kokuba sisondele eZwini, emva kokuhaya izinkondlo, nokunye nokunye, asikhuleke futhi. Sizobe-ke sesithatha indikimba.

40 Jesu othandekayo, sisize kulobubusuku manje, kulamazwi ambalwa, njengoba silinda kuWe. Futhi sikhulekela ukuthi umusa nesihawu saKho kuzoba nathi, Nkosi. Futhi thambisa izinhliziyo zethu; hluba onke amakhoba, ameva, amakhakhasi, makuthi ukukhanya kwelanga okubusisiweyo kukaNkulunkulu kuwele phezu kweZwi, Nkosi. Futhi sengathi singaba nomhlangano omkhulu kangako kuze kuthi kungabikho-muntu

ongasindisiwe phakathi kwethu, bonke abantwana bazoba seMbusweni kaNkulunkulu. Labo abangenawo umbhaphathizo kaMoya, sengathi bangaWemukela, Baba. Sengathi zonke izimfihlakalo ezinkulu esifanele ukuzazi ngalonyaka, Nkosi, zembulwe kithi; futhi sizobona ukuba sobala kukaNkulunkulu, ukuze sazi ukuthi siziphathe kanjani futhi senze, siziqondisa thina futhi siletha amalunga omzimba wethu empathweni eqinileyo eZwini, ukuze sazi ukuthi siphile kanjani kulolusuku lwamanje ekusondeleni kweNkosi uJesu.

41 Njengoba ngifunda okweZwi laKho kulobubusuku, Nkosi, ngingahle, ngemfundo encane, ngikwazi ukufunda kwamanye amazwi, futhi mhlawumbe ngiwabize ngokungesikho amanye. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, Wena wedwa ungakhipha ingqikithi lapho. NguWe wedwa ongakwenza. Akukho—akukho-ndlela yesidalwa esingumuntu ukuba sike sikwenze; kusezandleni zaKho, Nkosi. Ngakho siphe, ubusuku ngabunye, lezozinto okufihlwe eZwini laKho, ukuze sibe ngamaKristu angcono futhi siphile ngokwesikhathi esiphila kuso, njengezibonelo zobuKristu. Sicela eGameni leNkosi uJesu. Amen.

42 Manje, abaningi benu, emaBhayibhelini enu, ngifuna niphenye eNcwadini kaJona. Iyi. . . Sihlala njalo sikhuluma kakhulu ngoJona engohlubukileyo nakho konke. Bengihlala njalo ngimmela uJona. Angikholwa ukuthi uJona wahlubuka. A—angikukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi nje . . . Nje ngezinye izikhathi siyakusebenzisa, sithi, “UnguJona.” Kodwa uma si . . . Sengivele ngikhulumile ngakho, ngenye indlela, ngokusho ukuthi ngicabange kanjani, uJona, ukuthi kwenzekani.

> *Izwi leNKOSI lafika* ku*Jona indodana ka-Amithayi, lathi,*
>
> *Vuka*, futhi *uye eNineve, umuzi omkhulu, umemeze* kakhulu *phezu kwalo; ngokuba ububi balo benyukele ebusweni bami.*
>
> *Kepha uJona wavuka ebusweni beNKOSI ukuba abalekele eTharishishi, wehlela eJopha; wafumana umkhumbi oya eTharishishi: wakhokha imali yawo, wakhwela kuwo, ukuya nabo eTharishishi asuke ebusweni beNKOSI.*

43 Akusikho yini lokho ukuphela okudabukisayo na? *UMuntu Ebaleka Esuka EBusweni BeNkosi*, futhi leyo yindaba yami.

44 Manje, kuqala sifuna ukucabanga ngalokhu. UJona waye . . . Isizathu, isizathu esikhulu, engikholwa ukuthi wenza lento enkulu lapha, kwakungenxa yokuthi uJona wayengumJuda. Futhi wacelwa ukuba aye emzini wabeZizwe, ukuba amemeze kakhulu phezu kwawo; ecabanga ukuthi wayengeke emukelwe. Ngoba, abeZizwe babeyocabanga, “Uhlangene ngani nathi lomJuda na?” Kodwa, niyabo, enye into, kusinika into enkulu lapha ukubona, ukuthi uNkulunkulu akasuye uNkulunkulu

womJuda kuphela, kodwa UnguNkulunkulu futhi woweZizwe. UnguNkulunkulu wabantu bonke.

45 Wakhetha amaJuda nje. AmaJuda ayebizwa ngabantu abakhethiweyo bakaNkulunkulu. Bakhethelwa isizathu esithize. Futhi lesosizathu sasingukuba, ukuba awanike umthetho, futhi awakwazanga ukuwugcina. Futhi Wavele wakhombisa, ngalowo abantu, ukuthi umthetho wawungeke ugcinwe, nokuthi Wayengu—u—uNkulunkulu wokulunga. Futhi umthetho wawudinga ukulunga, kodwa kwakungekho-musa emthethweni, ukukhipha umuntu. Akukho-nhlawulo eyakhokhwa ngumthetho, kodwa kuthathe umusa ukukhokha leyonhlawulo, noma lapho umthetho usibeka khona ngaphansi.

46 Futhi uJona lapha wabizwa, njengalo, omunye wabaprofethi abancane beBhayibheli, ukuba ehlele kulomuzi.

Futhi lapha sithola isibonelo sethu sonke. Sonke ngamunye, sihlala njalo sibalekela okuthize. Sibalekela inkathazo. Sibalekela izibopho. Thina, sonke siyathanda ukwenza lokho. Thina, sinjalo, sithanda kakhulu ukubaleka kunokuba sifanele sime futhi sibhekane nakho. Niyabo, sivele nje . . . Si—si—sizithola sibaleka.

Ngezinye izikhathi sizithola sithanda ukubalekela umsebenzi. Asifuni ukuba, asifuni ukusebenza. Abanye abantu ucabanga nje ukuthi bangaziphilisa ngaphandle kokusebenza. Kodwa, ngicabanga ukuthi, uSolomoni kwakunguye owathi singayithola lapha impendulo, ekuqapheleni intuthwane.

47 Niyazi, intuthwane encane, bangitshela ukuthi uma leyo (yonke) intuthwane engasebenzi futhi ilale phakathi, leyontuthwane ayidli kulobobusika, futhi. Ngakho, wonke umuntu ufanele a—asebenze.

48 Sinezinto eziningi kakhulu esifanele sizenze, isibopho esiningi kakhulu esifanele sibhekane naso. Wonke umuntu ufanele abhekane nesibopho esithize.

49 Lapho u—lapho uza eku—ekukhetheni umkakho, ukuba ushadelwe, noma ukhethe umyeni wakho, u—ufanele uthathe isibopho. Futhi-ke ufanele ukhumbule . . . Mhlawumbe wakha ikhaya; yikhaya elihle kakhulu. Futhi-ke, khumbula, njengowesifazane oshadileyo, ufanele ucabange ngesibopho sokukhulisa abantwana. Futhi ufanele ucabange ngabo impela, izindonga ezikhazimulayo luzoba nemincane, ukusalela kweminwe engcolile kuzozonke. Khona-ke unesibopho sokufundisa abantwana bakho. Unesibopho sokubembathisa nokubondla.

50 Yonke into iyisibopho. Futhi kulula kabi, lapho izibopho zibhekana nathi, siyazibalekela. Futhi sithola ukuthi umshado uyisibopho, ngazozonke izindlela.

51 Ngisho, izikhathi eziningi, sithola. . .Lokhu kul'khuni ukukusho, kodwa kuliqiniso, ukuthi abefundisi, isikhathi esiningi, babalekela isibopho sokumela iZwi likaNkulunkulu leqiniso lapho benqwamana naLo. Bayosibalekela lesosibopho. Lapho iQiniso leZwi likaNkulunkulu lethulwa ubuso nobuso nathi izidalwa ezingabantu, sine. . .siyathanda ukubalekela emuva kuze kube yicebo lokugcina.

52 Ngisanda kuqeda ukukhuluma nomshana wami omncane phezulu lapho. UyiKatolika, futhi u. . .Futhi ngambhaphathiza lowomfana, eGameni leNkosi uJesu Kristu, lapha eminyakeni embalwa edlule, futhi wezwana nentombazanyana ethize futhi wajika waba yiKatolika. Futhi ngabamba isandla sikanina ngenkathi efa laphaya. Wathi kimi, amazwi okugcina, "Umnakekele uMelvin." Futhi nje ubephupha amaphupho. Nje akwakwazi. . .Zonke, nsuku zonke, iviki eledlule, ubephupha amaphupho. Wathi, "Bengihamba ngiyongena ebandleni lakho, Malume uBill, futhi ubumi lapho ushumayela. Ngigijimele enhla, ukuba ngiqale ukuvuma. Ngiyovuka." Wathi, "Be—bengisephutheni."

Ngathi, "Melvin, awudingi-kuhunyushwa kwalokho. Indawo yakho isezansi lapho lapho ungowakhona." Kunjalo. Niyabo?

53 Kodwa ukubhekana nezibopho, ngezinye izikhathi kuyobula sona kanye isikhumba kithi, ukwenza lokho. Njengobaba, ukubhekana nesibopho, ukubhaxabula umntwana wakho. Labo bafo abancane, awufuni ukwenza lokho. Kodwa njengobaba noma umama, ufanele ubhekane nesibopho sokukhulisa lowomntwana, ngoba iBhayibheli lathi, "Yeka uswazi futhi uyoyona indodana yakho." Futhi lokho kusami kukuhle ebusweni basosonke isazi sokusebenza kwengqondo esikhona ezweni. Lokho kusalokhu kuliQiniso likaNkulunkulu. Ukuba bekukhona okuningi kwalokho kwenziwa, besingebe saba nobuhlongandlebe bentsha obuningi kangaka nezinto, nokubola esinakho ezweni namuhla. Kodwa umthetho wokwenza njengoba ufisa kwenziwe kuwe omdala wekhaya wephuliwe, kudala, futhi badedela izinganyana zenze noma yini eziyifunayo.

54 Kodwa ngisho njengoba ngishilo, abefundisi, bayofika babhekane ubuso nobuso neQiniso, bese-ke beyasuka kuLo. Niyabo, ba—nje bane. . .Lapho kubonakala sengathi kukhona okuthile aba—abafuni ukubhekana nakho.

55 Izikhathi eziningi ngibe nabantu abafikayo, bathi, "Ngiyazi ukuthi lokho kunjalo, Mfowethu Branham, kodwa uma ngikwenzile lokho, bayongikhahlela bangikhiphe ebandleni." Linani na? Uma ungakwenzi, bazokukhahlela uphume, phezulu Lapho. Ngakho ufanele ukhahlelwe uphume, ndawo ndawo, niyabo. Ngakho kungcono uvele ubhekane nakho, esikhundleni

sokukubalekela futhi uthi, "Awu, ngizoya *ngapha*. Ngeke ngibuyele emuva." Buyela emuva, impela, ulalele okunye futhi kwaKho.

Hlolani imiBhalo. UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi ninokuPhila okuPhakade kuYo, futhi YiYona efakaza ngaMi." Kodwa sithola ukuthi abantu ngeke babhekane nalokho.

56 Ngokulethwa kukho, eBusweni bukaNkulunkulu, futhi sibone lapho uNkulunkulu enza isethembiso, futhi uNkulunkulu ubophezelekile kulesosethembiso. Futhi lapho Efeza lesosethembiso, khona-ke abantu bayesaba ukubhekana nesibopho sokubhekana noMlayezo wehora. Siyakuthola lokho ndawo zonke.

57 Kuthiwani ngani maLuthela na? Mangaki amaLuthela ebesaba ukuba, abantu obesaba ukubhekana neQiniso likaLuther lapho evela nokulungisiswa na? Bukani ukuthi kwanibizani, mhlawumbe ukuphila kwenu uqobo, ukuphuma futhi uvume uJesu Kristu bese—bese uba ngu—ngumLuthela.

58 Zibhekeni nina maMethodisti, ukuthi kwakuvamise ukubanjani, nonke nanibizwa ngabagingqiki abangcwele. Ngiqagele nanikwazi lokho. Futhi babengena ngaphansi kukaMoya, futhi badlukuzeke baye emuva naphambili. Futhi bathi ba—babeno "dlukuza." IMeth-. . . Lokho, qhabo, akusiwo amaPentecostal lokho; kwakungamaMethodisti lawo, eminyakeni emide eyedlula. Futhi badlukuza, futhi banyakaza, futhi bawa phansi kwamandla kaNkulunkulu. Futhi babathela ngamanzi ebusweni babo, futhi babaphephetha ngezishayisa-moya, becabanga ukuthi baqulekile. Futhi, manje, nanithathwa njengesigejane sabagingqiki abangcwele. Kodwa naba nakho, omama nobaba benu, kwakuphakathi kokuba baLemukele, babhekane neQiniso namaqiniso, noma balenqabe.

59 Kuthiwani ngani maPentecostal enemukela ukubuyiselwa kweziphiwo, lapho umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uphuma, nokukhuluma ngezilimi, neziphiwo zikaMoya zibuyela ebandleni na? Ngani, amaMethodisti ayefuna ukunikhahlela niphume, futhi bakwenza. Kodwa nanifanele nibhekane nakho. Kuyinto okwakufanele niyenze.

Kuthiwani ngodaba, lapho luphuma, mayelana nombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, futhi nawubona ukuthi wawuliQiniso na? Ufanele ubhekane nakho, noma wenze okuthize ngakho.

Unesibopho, wonke umuntu unaso, futhi ufanele ubhekane nalezizinto. Kulungile.

60 Futhi lapho usubona-ke, kulolusuku manje, lapho iZwi likaNkulunkulu selenze lezizethembiso zezinto esizibona zenzeka manje, khona-ke sinesibopho sokuba phakathi kokuthi sibhekana naLo noma sisuke kuLo. Une. . . Ungeke nje wahlala

esikhaleni. Kukhona ofanele ukwenze ngaLo. Wathi . . . Kukhona ukunyakaza okuthize okufanele kwenziwe.

Ungeke wangena kulowomnyango wesonto futhi uphume ungumuntu ofanayo ongene unguye. Uphakathi kokuthi uqhela kakhulu, noma usondela kakhudlwana kuNkulunkulu, njalo lapho ungena noma uphuma phandle lapho.

61 O, kulula kabi kubantu ukuba babalekele lezizinto. Futhi ngifuna sicabange ngalezi lapho siqala ukungena ezinkonzweni zangokomthetho kusasa ebusuku, ukuthi, ngifuna nibhekisise lapho okuthile kunqwamanwa nakho, uma wena . . . uma kukhona umbuzo ngakho. Uma kukhona umbuzo ngakho, kufanele kubekhona impendulo.

62 Ake sithi, isibonelo nje, ngithe bengiya entshonalanga, futhi wena wangikhombisa *le*ndlela. Awu, into yokuqala uyazi, bengiyogijima ngithi ngqu ngedlule indawo yami engiyihlosile, futhi nami futhi . . . Ngisenyakatho-ntshonalanga. Awu, ukuba-ke othile ungikhombisa ezansi *le*ndlela, futhi ngihambe ngaleyondlela na? Ngizoyedlula indawo yami engiyihlosile futhi; ngiye eningizimu-ntshonalanga. Awu, inqobo nje uma kukhona umbuzo, ukuthi iyiphi indlela eyintshonalanga, kufanele kubekhona impendulo eqonde ngqo ndawo ndawo.

Futhi lapho lemibuzo inqwamana nathi, mayelana namaQiniso eBhayibheli, kufanele kubekhona impendulo eyiyo ndawo ndawo. Kunjalo. Ifanele ibekhona.

63 Futhi lapho sibona Into ethile yethulwa, ngicabanga ukuthi, esikhundleni nje sokubaleka, uthi, "A, umbhedo! Bengingeke ngiyikholwe into efana naLokho. Bengingeke ngikukholwe Lokho," awulithathi ngani iBhayibheli, futhi uhlale phansi futhi ubhekane naLo na? ULifundisise. Ulapha emhlanganweni manje, Libukisise nje. Lihlole, qobo lwakho, neZwi. Hlola iZwi, ngeZwi. Yileyondlela kuphela yokuLenza lisho iQiniso. Futhi Lifanele lisho iQiniso, kusukela kuGenesise kuya eSambulweni.

64 UKristu uyisambulo seBhayibheli lonke. KuYe, uKristu, konke ukugcwala. Ukugcwaliswa kwazo zonke iziprofetho zeBhayibheli kuhlangatshezwana nakho ngokungenammbandela kuKristu Jesu, ngoba WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

65 Manje lapho sithola lezizinto, nokho, lapho sinqwamana futhi singene emhlanganweni, futhi sibone aMandla kaNkulunkulu ehamba futhi enza izinto, futhi enza imisebenzi engaphezu kwemvelo, futhi siwubone wenziwa, futhi sibuke eBhayibhelini futhi sibone ukuthi kwethenjiselwe lelihora; khona-ke lapho sibona lezozinto, khona-ke sinqwamana nesibopho sokuthi kuphakathi kokuthi siyakwemukela, ngiqonde ukuthi, ngokoqobo lwethu.

66 Manje, abantu abaningi bayazwelana, abantu abaningi bathi kuyikho. Kodwa lokho aku—lokho akukwenzi kube yilokho . . .

Leyo akusiyo into onesibopho ngayo. Njengoba ngishilo, ukuba-ke lapho . . .

67 Ukuba bengiyinsizwa, futhi ngifuna umfazi, ukuba ngishadelwe; futhi nakhu kumi intombazane ehlangabezana nazo zonke izindingakalo engicabange ukuthi kwazithatha ukwenza owesifazane. Ngani, ngokuziphatha ubeyindlovukazi, futhi ethandeka, futhi—futhi enobuntu obuhle, umKristu wangempela, konke ebengingacabanga ngakho, ukungenzela unkosikazi olungileyo. Akunandaba ukuthi ngingasho kangakanani ukuthi uphelele, ulunge impela, akasuye owami ngize ngimemukele nesibopho sakhe sokuba ngumkami.

68 Yileyonto efanayo uMlayezo oyiyo. Wena ungahle uthi, "Ulungile, noma *lokhu, lokho*, *okunye*." Futhi uthi, "Ngizwelana naWo. Ngiyakholwa ukuthi UliQiniso." Kodwa ufanele uWemukele; futhi Ufanele ube yingxenye yakho, nawe ube yingxenye yaWo. Ufanele . . . Ngalesosikhathi-ke, Usungowakho.

69 Lapho ushada nalo wesifazane othize omkhethileyo, se—senimunye-ke.

Futhi yileyondlela oyiyo noKristu. Lapho uMbona ebonakaliswa futhi enziwe waba nguye ngempela, khona-ke uyingxenye yaKhe, naYe uyingxenye yakho. Futhi, ndawonye, niyingxenye yoMlayezo.

70 O, mingaki imikhumbi yamahlelo esinayo eyehlela eTharishishi, yoJona balezizinsuku, amakhulu ayisishiyagalolunye ayo, okuthize, imikhumbi othatha umgwaqo olula. Abafuni ukubhekana nakho.

UJona wayengafuni ukubhekana, into yokuya kwabeZizwe. Wayengafuni ukuthatha lowoMlayezo ononya uye ngaleya, "Phakathi kwezinsuku ezingamashumi amane, niyobhubha uma ningaphenduki." Wakuzonda ukwenza lokho. Futhi wacabanga, "Labo bezizwe, kul'khuni ukusho ukuthi bazokwenzani kimi." Kodwa wayefanele abhekane nakho. Niyabo? Kodwa wathatha umkhumbi olula futhi wehlela eTharishishi, wehla wayongena phakathi emzimbeni womkhumbi futhi wahamba wayolala; wathatha umgwaqo olula.

71 Kuyindlela elula, kuyindlela ethandwa ngabantu. Kulula ukuthatha indlela lapho khona wonke umuntu engakumbambatha emhlane bese ethi ungumfo olungileyo, "Futhi lona ngu *s'bani-bani* nokuthize," nezwe lizokubuka. Kulula ukuhamba ngendlela ethandwa ngabantu.

Kodwa lapho—lapho udingeka wenze okuthile okwehlukile, lapho ufanele ume ekwenelisekeni kwakho kwalokhu okwazi kuliQiniso, ilapho-ke ingxenye el'khuni, lokho ngukuhlikihla kufika, khona lapho.

72 O, njengoba silicula kaningi leloculo elidala:

Kulula kanjani usantwezwa olwandle futhi luthule,
Ukwethembela emandleni engalo enkulu kaJehova.

Kodwa, o, ake amagagasi aqale ukuvunguza, ake—ake umoya uvunguze futhi uphehle amagagasi, khona-ke wenzani na?

73 Okuthile okunjengengatshelwa khona, ngesinye isikhathi, okwashiwo yinenekazi. Emuva ngezinsuku zamahhashi namakalishana, elathi ihhashi labaleka nalo, lihamba lisuka ebandleni. Ngathi, "Wenzenjani na?"

74 Lathi, "Ngethemba iNkosi kwaze kwagqabuka izintambo." Awu, yilesosikhathi sokwethemba iNkosi, emva kokuba konke . . . emva kokugqabuka kwezintambo. Wethembela ezintanjeni zize zigqabuke. Yebo.

75 Futhi ngakho sithola ukuthi sinezininingi izindlela ezilula esizihambayo, imikhumbi yehlela eTharishishi, ngokuba kulula, okungenazibopho. Kuvele nje kungene kuntanta, unayo yonke into iza; wonk'umuntu uyakuthanda. Futhi, wonk'umuntu, wena uyi . . . Akukho'muntu ophikisana nawe; awuphikisani namuntu. Manje, uma leyo kungesiyo imfaduko! Kunjalo. Yebo, ufuqa iye ngale, ijanquze iye le! Ngani, noma ubani, angikhathali ukuthi ungubani, nokuthi umele ini . . . Eqinisweni, abantu abacabanga kahle bazocabanga kakhulu ngawe uma uzokumela ukweneliseka kwakho kulokho okuyikho. Kunjalo. Angikhathali . . .

76 Thatha owesifazane, angahle angakhangi kakhulu nanini, futhi noma ngabe uyini; kodwa ake udedele lowo wesifazane amele izimiso zobufazane, umdedele ame njengenenekazi; futhi uma indoda inesilinganiso sesisindo esiyi-awunsi sendoda ngayo, iyolithatha. Impela. Sithakasela into ethize u—umuntu othize anayo, abakholwa ukuthi yiqiniso futhi bazomela lokho abacabanga ukuthi kulungile.

77 Kuyintengengenge kanjani, yilokho amaKristu amaningi kakhulu namhlanje, ayatobozwa kakhulu nakho konke, aze acabange ukuthi konke akwenzayo ngukujoyina ibandla, angene ndawo ndawo, afake igama lawo encwadini, noma enze okuncane okuthize, agxume aye phansi-naphezulu, amemeze, noma—noma into ethile efana nalokho, futhi bakubize ngobuKristu.

UbuKristu bungokwansuku zonke, impilo emahhadlahhadla, uphilela uNkulunkulu e . . . lelizwe elikhona. Kungukusha kwanjalonjalo koMlilo nothando lukaNkulunkulu, enhliziyweni, olukokhelayo futhi lukubeke phandle ngaleya kanye nabantu, futhi wenza abaphendukela kuKristu. Izibopho.

78 Kodwa kulula ukuhamba ngendlela izwe elihamba ngayo. Kulula ukugeleza wehle ngomfudlana.

Uphumele lapho futhi uhlale phansi emfuleni, nesikebhe sakho. Uthathe izigwedlo zakho bese uqala ukudonsa wenyuke uphambane nomsinga; awenzi isikhathi esiningi, futhi sihamba kanzima. Kodwa nje ake udedele izigwedlo bese uqaphela ukuthi uzedlula masinya kanjani izihlahla, uya ezansi, kodwa buka ukuthi uyaphi!

Lapho izinto zintanta kalula, khumbula, uqonde ngase—empophomeni enkulu ezansi lapho, yohlobo oluthile. Uqonde ngasezimpophomeni, futhi akuzukuba kade uyobe usuya phezu kwalezozimpophoma. Untanta nje nezwe, kulula, indlela esihamba ngayo, awukufuni lokho. Qhabo, mnumzane. Kodwa ufanele ures-. . . wemukele isibopho sakho.

79 Manje, uyaLikholwa, futhi une a-. . . Ucabanga ukuthi LiyiQiniso.

80 Futhi isibopho uNkulunkulu asiphe sona kulolusuku, ukuletha loMlayezo! Futhi njengoba sengiguga, futhi ngiyazi izinsuku zami ziyafinyela, ngizwa isibopho kakhulu kunanoma sengake ngasizwa. Siphikelela, sifanele sikwenze! Sifanele sehlele kukho, kuzozonke izindawo esihamba kuzo, futhi sazise ngoMlayezo; futhi—futhi sitshele abantu ukuthi uJesu Kristu uyeza, ukuthi UnguNkulunkulu futhi Uza masinyane. Akukho—akukho themba elisasele ezweni ngaphandle kokuFika kweNkosi.

81 Ngibuka emuva lapho kwabanye abangane owayenami enhla lapho ngenkathi iNgelosi yeNkosi . . . Lababafana abahlezi lapha, ngikholwa ukuthi bayithola indawo lapho okwenzeka khona enhla lapho. Futhi khumbulani nje ukuthi iNkosi yathini ngalelolanga, kuMfowethu Woods. Wayenyuka igquma. Futhi—futhi wayethi ukukhala izinyembezi, ngenxa yomkakhe egula. NeNkosi yathi, "Cosha lelodwala bese uliphosa phezulu emoyeni, bese uthi, 'ISHO KANJE INKOSI.'" Futhi ngakwenza lokho. NoMfowethu Woods uhlezi njengofakazi.

82 Futhi ngathi, "Mfowethu Woods, akuzukuba yisikhathi eside kuze kuba uzobona into ethile yenzeka." Futhi ngosuku olulandelayo, ngenkathi simi lapho, sonke ndawonye . . . Nesigejane samadoda simi khona lapha kulobubusuku.

83 Umshumayeli osemncane wayelapho, futhi wayeyi . . . Ngaqaphela . . . Ngisanda kuhlangana naye nje ebusuku bakuthangi. Wayesekamu lethu. Ukhuphukela ukuba kanye nathi. Futhi wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, ngabe uke uyibone imibono, phandle njengalona na?"

84 Ngathi, "Yebo, mnumzane. Kodwa ngiphumela lapha ukuba ngisuke kuwo, ukuthi ukuphumula kancanyana." Wathi . . . "Awu," ngathi, "Ngi—ngi . . . Kusobala, Ingikhombisa izinto phandle lapha." Futhi ngathi, "Nje ngale kwegquma lapha, lapho iziNgelosi eziyisikhombisa zabonakala khona ezansi phakathi lapho."

Wathi, “Ya, ngiyaqonda.” Wathi, “Ngangingomunye wabaxhasi emhlanganweni wakho ngale eCalifornia.”

Ngathi, “Awu, ngijabula ngempela ukwazi lokho.”

85 Futhi ngisamile lapho, ngalesosikhathi nje ngaqalaza futhi ngabona udokotela oqatha embuka emehlweni akhe, futhi ngamuzwa ethi, “Uzolahlekelwa yileloso, ngoba kukhona okugulisayo phakathi lapho. Futhi sengikunyange iminyaka emibili, futhi uzolahlekelwa yileloso.”

Ngathi, “Isizathu sokuba ungibuze lokho, ngoba udokotela wakho wakutshela ngelinye ilanga ukuthi wawuzolahlekelwa yileloso.”

Futhi wathi, “Kunjalo,” futhi waqalaza ka*njalo*.

86 Futhi ngambona unina ekhumula elinye lamasokisi akhe amade futhi waveza unyawo lwakhe, lunamathumba amancane elengela phansi phakathi kwezinzwane zakhe, phansi-naphezulu emlenzeni wakhe; futhi wathi, “Uma ubona uMfowethu Branham, mtshele akhulekele lokhu.”

Ngathi, “Umama wakho uphatha olwakhe . . . wakhipha unyawo lwakhe ka*njalo,* futhi wathi ubene . . . unamathumba amancane kuzo zonke izinzwane zakhe—zakhe, futhi kanjalo; futhi wathi, ‘Tshela uMfowethu Branham akhuleke.’”

Wathi, “Mfowethu Branham, yiqiniso lelo.”

87 Ngabheka emuva. Sengibhekile, ngambona emi lapho engibuka, ka*njalo*, namehlo akhe ekhanya bha. Ngahlangana naye kulekwindla; wayenamehlo angcono kunawo wonke umuntu ekamu. INkosi yase imphulukisile futhi yamsindisa.

88 Ngisami lapho, iNkosi yathi, yangikhombisa ukuthi kwakuzokwenzekani. “Ukwahlulela kulungiselela ukugadla eWest Coast.” Futhi Yathi, “Yana laphaya, eceleni kwaleloziko.”

89 Futhi ngangiphethe ifosholo ngesandla sami; ngaya laphaya. Futhi uMfowethu Roy Roberson, sonke siyamazi lapha. Akekho lapha kulobubusuku, ngokwazi kwami; use-Arizona phandle lapho. Ungusihlalo wabaphatheli lapha, futhi ngangimazi engumakade ebona. Futhi okuthize kwakuzokwenzeka; okuhle ngempela, ukusa okuthule, cishe ngeleshumi nqo ekuseni. Abafana yonke indawo lapho, ishumi noma ishumi nambili lethu, sehlisa amatende, futhi sihlinza izingulube, nezinto. Ngakho si . . . Ngahambahamba, ngathi, “Roy, casha, masinya. Kukhona okulungiselela ukwenzeka.” Angibange ngisamtshela lutho okunye. Kodwa nje ngesikhathi sengifinyelele laphaya . . .

Futhi kwehla kuvela emazulwini kufika isivunguvungu sikaNkulunkulu, futhi kwaduma, njengokuthi, sazamazamisa amagquma, sigijima ngaphakathi kuleyontaba, sanquma umushwe wathi ngqu wasizungeza, cishe amafidi amahlanu ngaphezu kwekhanda lami, futhi sanquma zonke izicongo zalezozihlahla zasuka, lapho amadwala ebhiza. Senyukela

emoyeni sabuye sehla futhi, nomunye umbhaphathizo omkhulu, futhi sashaya sanquma entabeni, futhi sasakaza amadwala kanjalo. Sakwenza kathathu, sase-ke senyukela emoyeni.

Futhi uMfowethu Banks weza ngakimi, wathi, "Yilokho okusho izolo na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane, yilokho impela." Niyabo?

90 Kwase kuthi-ke ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, i-Alaska yacwila, cishe impela, enhla lapho. Futhi phansi-na-phezulu leyoWest Coast bekuyimidumo nokufuqa, nakho konke kwenzeka. Futhi ngolunye lwalezizinsuku izodilikela ngaphansi kolwandlekazi. Kunjalo. Kuyini na? Siphila ehoreni lokuFika kweNkosi.

91 Sibona izimfundiso ezigqamileyo nezinto eziqubukayo, nazo zonke lezizinto ezehlukene, siyazi kufanele kubekhona impendulo yeqiniso kulokhu.

Kukhona abantu phandle lapha ezweni manje, beya emigedeni nezinto, "Futhi ziyi 16 kuMashi," nikufundile ephepheni, "iNkosi izofika." Niyazi ukuthi lokho akunjalo.

UJesu wathi, "Akukho-muntu owazi umzuzu noma ihora."

92 Lapho sibona zonke lezizinto, nezinto zenzeka ngendlela eziyiyo, futhi kufanele kubekhona impendulo eyiqiniso ndawo ndawo. Kufanele kubekhona iQiniso. Kukhona eyodwa, impumalanga; neyodwa, intshonalanga; kodwa kukhona eyodwa, iningizimu-mpumalanga, nenyakatho-ntshonalanga, noma okuthize. Kodwa kufanele kubekhona impendulo eyiqiniso, ndawo ndawo, enkingeni. [Akuqoshwanga—Umhl.]

93 Sibalekele lokhu na? Sifanele sitshele abantu ukuthi siphila emahoreni okuFika kweNdodana kaNkulunkulu. Sifuna—sifuna ukuqaphela futhi (uNkulunkulu) sibe semnyakazweni, ngasosonke isikhathi, silungele ukunikeza umuntu impendulo eyiyo.

94 Bekuhlala njalo kungaleyondlela. Beku—kukumuntu, obalekile futhi wasuka washiya uNkulunkulu, selokhu kwasukela u-Adamu, ensimini yase-Edeni. Ngenkathi u-Adamu wayesensimini yase-Edeni, ngenkathi efika esibophweni ukwenza isinqumo sakhe, ahlale noNkulunkulu noma ahambe nomkakhe na? wayefanele enze leso sib-. . . wayefanele enze lokho, i—isibopho sasikuye. Wayephakathi kokuthi athathe lokho okushiwo ngumkakhe noma lokho okushiwo nguNkulunkulu. Futhi ngenkathi ekhetha ukuhamba ngendlela yomkakhe, futhi esekwenzile lokho, khona-ke walahlekelwa yisimo sakhe sasekuqaleni. Futhi waletha wonke umhlaba ukuba ungenwe ukufa, ngenkathi edingeka athathe isibopho, noma kumbe emukele ukukhanya okusha umkakhe ayesekutholile, okwakuphambene.

O Nkulunkulu! Kucabange. UNkulunkulu ubanika kuphela amaZwi acishe abe yisishiyagalombili noma ishumi ukuba bawagcine. "Kepha ungadli kulowomuthi." Yilokho kuphela ababefanele bakugcine. Futhi ngisho nangeZwi eliningi kangako, baLephula.

Khona-ke u-Adamu wayefanele abhekane, "Ngizo, ngizokwenza njengoba ethe umkami angenze, noma ngiyakwenza lokho uNkulunkulu athi angikwenze na?" Futhi waphuma amehlo akhe evulekile. Wayefanele athathe isibopho. Lokho kwaphosa sonke isintu ekufeni.

95 Manje-ke nakho kufika lowo omunye u-Adamu, owayenguKristu, akekho neze oyedwa onjengaYe! Omunye uthi Wayengesuye uNkulunkulu? Ububodwa-qhwaba baKhe bafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Kwakungakaze kubekhona isidalwa esaphila njengaYe. Waphila ezweni ngesingaYe. Wazalwa ngaphandle kwenkundla yemvelo, umuntu oyisoni. Haleluya! WayenguMdali qobo lwaKhe enziwe inyama.

Ubani obengake ame lapho Ama khona na? Ubani owake wakhuluma njengaYe na? Ubani obengake asho izinto Azisho na? Ubani obengake enze izinto Azenzile na? Ububodwa-qhwaba baKhe bafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Kwakungekho-mprofethi noma lutho okunye okwakungenza Akwenzile; Owayengabiza abafile babuye ethuneni, futhi Owayengamisa izibhakabhaka, futhi enze noma yini Ayefuna ukuyenza. WayenguNkulunkulu. Ubani owayengake ame endaweni yaKhe na? Ubani na? Ubengaba nguBani ngaphandle kokuba yilowo ophelele, uNkulunkulu ongafiyo, enziwe inyama wakha phakathi kwethu!

96 Akukho osekwake kwaqhathaniswa naYe. Waphila ezweni ngesingaYe. Akukho-muntu owake wakhuluma njengaYe. Ngenkathi nje Evula umlomo waKhe, kwakukhona okuthize ngakho, okwakwehlukile kunoma ubani omunye. Omunye wathi Wayengumuntu ojwayelekile nje; ngikushaya indiva lokho. WayenguNkulunkulu. Yilokho Ayeyikho. Ngokuba, akukho-muntu owake wakhuluma njengaYe, akukho-muntu obengakhuluma njengaYe, ngoba WayeyiZwi eliphilayo qobo lwaLo lenziwe inyama, ukubonakaliswa kokugcwala kukaNkulunkulu.

97 Ngizovuma, labobaprofethi babenomlayezo wabo. Babenayo ngalesosikhathi; banayo manje. Kodwa kwakukhona ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, kubonakaliswa lapho. WayeyiLowo oyedwa-qhwaba, futhi kwaba nguYe oWayefanele abhekane nodaba. Nawo onke amandla aKhe amakhulu Ayenawo, Owayengaba ngokoqobo yinkosi yezwe. Uzoba yiyo; futhi Uyiyo, kwabangcwele baKhe, Uyiyo manje.

98 Wama lapho. Muntu muni owayengaba mpofu, wayengenayo indawo yokucamelisa ikhanda laKhe; owayazi ngisho

nalapho inhlanzi yagwinya khona uhlamvu lwemali na? Ubani, muntu-muni owayengathatha labo ojeke abakhulu bamanzi abaphendule iwayini, futhi angabinayo indawo yokucamelisa ikhanda laKhe na? Wayefanele abhekane nezibopho ezazinikelwe esandleni saKhe. Muntu-muni owayekwazi ukuvusa umuntu amkhiphe ethuneni, emva kokuba esefe izinsuku ezine futhi wabola na?

Wayengeke yini Azisindisa na? Impela, Wayengakwenza; kodwa ukuba Wakwenza, Wayengeke asisindise. Wayefanele abhekane nezibopho, futhi ngenxa yokulalela kwaKhe iZwi! Lapho, ukungalaleli kuka-Adamu, futhi wayethathe indlela enqamulelayo, i—indlela eyehlela eTharishishi. Kodwa uJesu wathatha indlela eya eNineva, kwabeZizwe, ukuZitholela uMlobokazi. Ngiyajabula ukuthi Wakwenza, kulobubusuku. Futhi sifanele sibhekane namaqiniso, ukuthi singabaKhe, sisuse izwe. Amen!

99 Wonk'umuntu wayefanele abhekane nalokho, onesibopho phambi kukaNkulunkulu. Sithatha nje, isibonelo, uNowa. Wayenaso. UNowa, uMose, u-Eliya, nabobonke bayo—bayo yonke iminyaka, babefanele babhekane nesibopho. Futhi babefanele bakwenze, kodwa yingalesosizathu bathunyelwa ehoreni.

100 Bukani uNowa onyakeni wakhe wezobusayense, ukuthi wayefanele abhekane kanjani nento eyayingenabusayense kangaka. Ngani, kwakungekho si—si—sizathu ukuthi kungani kwakungeke kube ngokungesibo ubusayense. . . Niyabo, kwa—kwakungenabusayense, njalo. Ngani, bathi lizokuna ezibhakabhakeni. Babengakaze babenemvula econsa ivela emazulwini. Manje, wayefanele abhekane nakho. UNkulunkulu wathi lalizokuna. Futhi khona-ke yena . . .

101 Khona-ke ukukholwa okungenamisebenzi kufile; uma uthi, "Ngiyakukholwa," futhi ungenzi-msebenzi. NjengoMlayezo nje, uma uthi, "Ngiyawukholwa," ungenzi-msebenzi, usiza ngani na? Niyabo? UNowa wahamba wayosebenza ngesando sakhe futhi wakha umkhumbi, ukuqinisa ayekhuluma ngakho. Yilokho esifanele sikwenze, futhi. Sifanele sihambe siyosebenza, ukufakazisa ukukholwa kwethu, ngemisebenzi yethu. Imisebenzi yethu ifakazela ukukholwa kwethu.

102 UMose wayefanele akwenze, no-Eliya wayefanele akwenze. Wonke umprofethi onyakeni wakhe wayefanele asukume futhi abhekane nalezizibopho. Kodwa abaningi babo abenzanga njengoJona. Wabaleka; abazange.

103 Qaphelani, "Umemeze kakhulu phezu kwalo." O, he! Nakho-ke. Yileyo indaba, "Umemeze kakhulu phezu kwalo." Nanso ingxenye yokwahlulwa.

Uhambe nje uye lapho bese utshela labobafo, "Anisho, ngiyakhuphuka ngizonijoyina bafo. Uyazi, ngikholwa ukuthi

ngizonitshela ukuthi ngizokwenzenjani. Nginento nje encane lapha ngikholwa ukuthi ngingayenza ibe . . . isiqoqele sonke ndawonye, futhi senze *lokhu*, *lokho*, noma o*kunye*."

Kodwa, kwakungukuthi, "UMemeze kakhulu phezu kwalo," lapho ozodingeka umemeze kakhulu phezu kokuthize. Manje, wayefanele amemeze kakhulu phezu kwakho konke okwakusezansi lapho; amemeze kakhulu phezu komuzi, amemeze kakhulu phezu komsebenzi wabo, amemeze kakhulu phezu kwebandla labo, amemeze kakhulu phezu kwabaprofethi babo, amemeze kakhulu phezu kwabefundisi babo, amemeze kakhulu phezu kwabapristi babo. "Umemeze phezu kwalo, yonke into! Umemeze kakhulu phezu kwalo!"

104 UNowa wamemeza kakhulu phezu konyaka wakhe. Impela, wakwenza, phezu kwamabandla onyaka wakhe.

UMose kakhulu impela wamemeza kakhulu phezu konyaka wakhe—wakhe; abantu, abapristi, kanjalonjalo. Wamemeza indlela yonke edabula ihlane. Futhi yonke imigamanxo, wamemeza, njalonjalo ememeza kubantu.

U-Eliya wayengathandwa-muntu nhlobo osukwini lwakhe, ngoba wamemeza kakhulu phezu kwalowonyaka. Impela wamemeza.

105 UJohane umBhaphathizi wayengathandwa-muntu nhlobo onyakeni wakhe. Wamemeza kakhulu phezu konyaka wakhe. Wathi enkosini, i—inkosi enamandla ye—yezwe; ya—yayikade, yaganwa ngumkafowabo. Wayefanele azoshumayela ngomshado nesahlukaniso, ngokunye ukusa. Ngakho wamemeza kakhulu ngokumelene nakho, wathi, "Awuvunyelwe ube naye." Kwambiza ukuba, ikhanda lakhe ukuba linqunywe, kamuva, kodwa wamemeza kakhulu futhi wama endaweni yakhe yomsebenzi.

Akazange athathe umkhumbi oya eTharishishi, futhi wathi, "Awu, ngizovumelana nawe, Herodi. Kulungile. Inqobo nje uma ucabanga ukuthi ungowesifazane omuhle, ungunkosikazi omuhle kuwe, qhubeka." O, bakithi. Lezo zimfaduko, niyabo, ya, konke nje okuncane . . . Ngani, ayilutho kuphela eyokuhlanza amapuleti angcolileyo ngayo.

106 Kodwa, qaphelani, uJohane wayengenjalo. Wabhekana nakho ngqo. Wathi, "Awuvunyelwe ube naye." Yebo, mnumzane. Futhi wama qekelele wamelana nakho.

107 Abazange bagijime. UJohane akazange. Bama babhekana namaqiniso. UMose wazama ukubaleka, ngesinye isikhathi, njengoJona, kodwa uNkulunkulu wambuyisa. Abaningi babo bazama ukukubalekela; babeqala . . .

Kodwa, bukani, uma uNkulunkulu ekubizile, futhi uqinisekile ukuthi uNkulunkulu useMlayezweni, akukho

okuzokubuyisela emuva. Akuzange kumbuyisele uJona. Qhabo, mnumzane.

108 U-Amose wasendulo, wamemeza kakhulu, wathi, "Ingonyama ibhongile, ngubani ongayikwesaba na? Futhi uNkulunkulu ukhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?" Ubani ongayikuprofetha, lapho ubona uNkulunkulu ekhuluma futhi wathi into ethize izokwenzeka, futhi nanso?

109 Ingonyama iyabhonga, wonke umuntu uyesaba, yebo, mnumzane, uma wake wakuzwa ukubhonga okukodwa emenweni. Ungazizwa lezi zithi miyawu ngakulamakheji phandle lapha, lezozingonyama ezifuyiwe, kodwa uboke uzwe eyangempela, eyasendle ibhonga ngesinye isikhathi. Amadwala amancane azodilika egqumeni, okuqhele ngamayadi angamakhulu amahlanu. Ngifuna ukubona ukuthi kuvelaphi konke lokho kubhodla okuphuma kulawomaphaphu. Futhi ifaka ikhanda layo phansi, iqubule lobo boya; angikaze ngizwe lutho...Njenge—ngenganono iqhuma, lapho ibhodla lokho kubhonga okukhulu emaphashini ayo. Ubani obengayikwesaba na?

Bathi, uma uke wabulawa yingonyama, akubuhlungu. Ikwesabisela ukufa ingakafiki kuwe. Niyabo, awukuzwa. Ikwesabisa ngalokho kubhodla okukhulu okunolaka, futhi nansi isiphezu kwakho ngokuhlukana komzuzwana.

110 Wathi, "Ingonyama ibhongile, ngubani ongayikwesaba na? Futhi uNkulunkulu ukhulumile, ubani ongayikuprofetha na?" Lapho ubona uNkulunkulu enza okuthize, wena uthi... "Ngingahle ngingabisuye umprofethi..." UJona wathi... "Ngingahle ngingabi suye umprofethi, noma indodana yomprofethi. Kodwa uNkulunkulu ukhulumile, ngubani ongayikuprofetha na?"

111 Ngingahle ngingabi suye umprofethi, ngingahle ngingabisikho *lokhu, lokho*, noma *okunye*. Lapho ngibona uNkulunkulu enza noma yini, futhi ngikubona lapha eZwini, futhi Wakwethembisa, ubani ongathula futhi angathi vu na? Impela, Ukwenzile.

112 Kanjalo singeze sacasha emva kwezivumokholo nazo zonke lezi lapha izinhlanganyelo, nasezansi e—eTharishishi. Asifuni ukuhamba nalezozinhlanganyelo.

113 Kodwa abaningi, njengo-Adamu, benza into efanayo, bazama ukwenza isibambiso ngenye indlela, bazama ukuthola indlela yokuphuma, futhi—futhi benze isibambiso, ukubhekana noNkulunkulu. Emva kokwazi okungalungile, ebhekene neQiniso, wahambisana nomkakhe futhi wenza khona impela uNkulunkulu amtshela ukuba angakwenzi. Waqhubeka wakwenza, noma kanjani. Futhi khona-ke wazithola ehamba-ze, yena naye, bobabili, ensimini yase-Edeni. Amehlo abo avuleka. Babekwazi okwakulungile nokungalungile, ngalesosikhathi.

Wase-ke ezama ukuthola isibambiso, ukuba athi ukuzemboza ngaso.

Manje, lokho nje kuthi akube yindlela esenza ngayo namhlanje, izaba, uthi, "Awu, ngiyakutshela, ukuba kwaku*lapha*, noma ukuba *lokhu*." Noma, "ukuba, ukuba, ukuba," lokho ngukuthi nje... Niyabo? Kodwa ufanele ubhekane nakho. Kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile. Futhi uma kulungile, asihlale ngakho. Uma kungalungile, suka kukho. Yilokho kuphela. Thola lokho... Thola ukuthi yikuphi okulungileyo. Awufuni ukuba ulinde isikhathi eside. Ake sithole manje ukuthi yini iQiniso nokuthi yikuphi okulungileyo, futhi sihlale nakho. Siyazi ukuthi kuliqiniso.

114 Manje, siyathola namhlanje ukuthi abantu bakithi bakakhulu... Kubonakala sengathi bonke ubuqotho sebuphumile emabandleni. Ngi... E...

115 Sihlala endlini lapho kadadewethu oligugu oza kulelibandla. Mhlasimbe uhlezi lapha kulobubusuku. Futhi uyiqashisela abakhe... abantu. Futhi ubenomoya omuhle kabi kithi ngaleyondawo, ngokusivumela sibe naleyondawo. Futhi ngakho ngizolibiza igama lakhe, kodwa angahle angafuni ngikwenze. Futhi ubenomoya omuhle kabi kithi, awu, impela besingeke—ingeke safuna ukumdalula. Kodwa yena ube ngempela, owesifazane othandekayo ngempela. Futhi endlini, kwakukhona itelevishini ngale kolunye uhlangothi. Sasinencane, embili, indlu yemindeni embili.

Nginomndeni omkhulu, nesigejane sabancane, futhi si... futhi ni—niyazi, futhi babefanele babenemibhede, futhi eyinqwaba yayo. Futhi yonke into inqwabelane phezu kwenye, futhi ufanele uhambe wedlule ku*lokhu* futhi wedlule ku*lokho*, ukungena nokuphuma.

116 Futhi khona-ke laphaya babenetelevishini. Futhi kuletelevishini, lezi zinganyana zaziyibukela, ngeSonto ekuseni, uhlobo oluthize lokucula amahubo oluvelayo. Futhi, uyazi, kwa—kwakukwenza ucishe ubenamahloni impela; ukuba babungekho ubuKristu bangoqobo ndawo ndawo owawungabeka izandla zakho phezu kwabo, ukubona lokho okubizwa ngobuKristu. Ngani, kubonakala sengathi bonke ubuqotho sebuphumile kubo. Ngani, aba, ababonakali be... Ngani, nje kubi kakhulu indlela abama ngayo lapho futhi bafingqe izibhakela zabo futhi balwe omunye nomunye, lapho, futhi bazame ukucula amahubo nakho konke kanjalo; futhi benze amahlaya okungabal'khuni ukuba ashiwo yitilosi, futhi basho zonke izinhlobo zezinto, nenganyana futhi aqhubeke. Niyazi, ubungcwele bo—bo—bobuKristu sebubonakale bulahlekelwa yindawo yabo.

117 Manje, ngiya esontweni futhi—futhi ngibone umelusi esukuma lapho futhi amemezele ukuthi ku—kuzobakhona u—umbuthano wokubhukuda. Bonke abesifazane begqoke lamasudu okubhukuda, bonke baphumela lapho. Bazoba nomqhudelwano; laba besifazane, bebhukuda. Futhi bazoba ne—nephathi yohlobo oluthize, futhi bazothosa inqwaba ye—yenkukhu, futhi badlale umdlalo wamakhadi ibunco, na—nazozonke lezizinto kanjalo. Kimina, lokho kukhipha ubuqotho bangoqobo bobuKristu; bazedlulele nje nganoma yini.

118 Ngibone, ngenyukela lapha, sithola ukuthi . . . Niyazi, sithola abaningi bodadewethu begqoke izikhindi, enhla lapha kulelizwe elibandayo, kunanoma ubathola phandle lapho kulelozwe elishisayo. Niyabo, yiqiniso. Phandle lapho okushisa khona ngempela, ababaningi kakhulu abazigqokayo. Kodwa lapha, lapho—lapho okubanda khona, ba—bayakwenza. Niyabo, kungukuthi, abaqondi ukuthi ngudeveli owenza lokho. Niyabo? Manje, ukuba besingesokuthokomala, ukuba besingesokuba uzisize, bekuzokwehluka. Kube yindoda, ngicabanga ukuthi sibukeka sigulisa endodeni, kodwa—kodwa u—ubu—bungeke ukunake endodeni. Kodwa, inenekazi, umzimba walo—walo ungcwele, futhi lifanele liwugcine ungaleyondlela. Futhi ukubona okudala . . .

119 Ungabona, abantu namhlanje. Mibili imimoya. Futhi owodwa wayo nguMoya oNgcwele; omunye ngumoya ongengcwele, futhi owodwa ubuswa yilokho. Futhi yomibili iyakholwa. Manje, ya, leyo yingxenye eyinqaba, yomibili iyakholwa. Futhi njengoba nje u-Esawu noJakobe wayenjalo, bekholwa bobabili; njengoba uKayini no-Abela wayenjalo, bekholwa bobabili; njengoba wayenjalo uJuda noJesu, inkolo yombili, bekholwa bobabili. Futhi siyakubona namhlanje, amacala omabili, bayakholwa. Niyabo, ngumoya ofanayo. Abantu bayafa, kodwa umoya awufi. Uqhubeka njalo, ikholwa yomibili.

Oyedwa wabo ungenwe uMoya oNgcwele, ophila uhlobo lwempilo abafanele bayiphile, futhi ahambe ngokumesaba uNkulunkulu futhi athembeke. Bebengeke bakulutha nhlobo, futhi be—benza konke ngokwethembeka abangakwenza, ukukusiza. Futhi abanye bayokwenza . . . Bebahle benjalo nje.

Futhi abanye, siyathola, kuyaphambana nje. Futhi, nokho, bobabili bayimimoya ekholwayo, bobabili; oyedwa, uMoya oNgcwele; futhi omunye, umoya ongengcwele. Futhi uma uqaphelile, kuyoba, ngisho nakuba bezisho ukukholwa, bayohlekisa ngawe futhi bakubize ngomginqiki ongcwele. Benza konke abangakwenza.

120 Bona, benganaki i—iZwi likaNkulunkulu elingaguqukiyo, kube sengathi aLikaze lilotshwe.

Niyabo, ungathi, "Manje, buka lapha, uma—uma umbhaphathizo . . ."

"NginoMoya oNgcwele!"

"Futhi umi lapho nalesosigazu emlonyeni wakho, usibhema na?"

"Yebo, nginoMoya oNgcwele! Angicabangi ukuthi kuliphutha ukuphuza kancane. Angikucabangi . . ." Niyabo?

Futhi nike naqaphela, "A*ng*icabangi"? Kodwa uNkulunkulu ucabanga ngokwehlukile, niyabo, ngokweZwi laKhe. Niyabo? Niyabo, bona . . . Futhi ba—bavele kalula njengoba nje—njengesikhwehlela kuLo. Kunjalo impela.

121 Kakhulu nje njengalomfo omdadlalana oyisishosha owahuquzela waphuma ngesinye isikhathi, ngenkathi uDavide exoshwa esihlalweni sakhe sobukhosi. Wayenyukela eNtabeni yemiNqumo, ephuma, ekhala izinyembezi lapho enyuka, ebheka emuva. Nalomfo omdadlana wahuquzela waphuma lapho futhi wayemkhafulela ngamathe. Nalowomlindi wathi, "Ngizovumela i . . . lelokhanda lenja lihlale kuyo, futhi ikhafulele ngamathe inkosi yami na?"

UDavide wathi, "Myeke." Niyabo, bamkhafulela ngamathe.

122 Cishe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, bayikhafulela ngamathe iNdodana yakhe, uJesu Kristu, futhi.

Futhi namhlanje baMkhafulela ngamathe futhi. Njengokungathi Lalingesilo nje ngisho . . . Lingahlonipheki, linganakiwe, bavele bafulathelisa ikhanda labo futhi basuke kuLo, futhi bakuhleke ebusweni bakho. Kungani na? Basemkhunjini oya eTharishishi. Kunjalo impela.

Lolubizo kuNkulunkulu, ufanele umemeze kakhulu phezu kobubi, umemeze kakhulu phezu kwesono, umemeze phezu kwezinto okungalungile. Manje, khumbula, kuyobanjalo.

Heyi, niyazi, lesisikhathi. Niyazi, ngehluke ngamahora amabili. Futhi eTucson imizuzu nje eyishumi emva kwelesikhombisa, futhi—futhi ngithi nje ukuthola uhlobo lo—uhlobo lokuphuma endaweni yami lapha. Hhe? Kulungile.

123 Manje khumbulani, sizodingeka siphendule ngakho. Khumbulani, labo abakhafulela ngamathe uKristu bayaziphendulela.

Ngenkathi uDavide esebuya ekudingisweni kwakhe, ngenkathi wayengumhambuma, futhi ngenkathi esebuya, khumbulani, lomfo wawa ngobuso bakhe futhi wamemeza kakhulu ecela isihawu. Wakhafulela ngamathe uDavide, ephuma, kodwa wayesecishe akulungele vele ukubhukuda ngezinyawo zakhe ezinyembezini, futhi, ngenkathi esebuya.

Futhi ngeliny'ilanga labo abagwaza uJesu bazokubona.

Futhi labo abaMgwazayo namhlanje bazokubona, futhi. Bona, ngeliny'ilanga, kuyobuya. Khumbulani, iSambulo 22, Usidinga ukuba sigcine onke amaZwi Awalobile; onke amaZwi.

124 Manje siyazi uBukhona baKhe bulapha. Buqinisekisiwe. Sinabo. Siyethemba, kuleliviki elizayo, buzoqhubeka buqinisekiswa phakathi kwethu; abagulayo bazophulukiswa, nezinto ezinkulu zizobe zenzeka.

Asiwufuni umbono othandwa ngabantu. Sifuna iQiniso. Futhi asifuni, si (funa) asifuni uku—asifuni kubhekana nalutho ngaphandle kwalokho uNkulunkulu athe kuliQiniso. Kodwa, "Qiniseka ukuthi izono zakho zizohlale zikufumana." Uma singakwenzi lapha, siyokuthola ekwaHlulelweni. Ngakho u—u . . . Sizokubamba ndawo ndawo, manje. Yebo, mnumzane.

125 Kodwa uma ungumKristu weqiniso, obizwe ngokweqiniso njengoba wayenjalo noJona, uNkulunkulu usevele ukukhokhele imali yakho yokugibela. Yehla kulowomkhumbi oya eTharishishi, noma kanjani. UNkulunkulu wakumisela ngaphambili kulokhukuphila. Yebo, mnumzane. Uma ungoweqiniso, umntwana kaNkulunkulu obiziwe, woza kuKristu. Ngena ekugcwaleni kwaKhe. Indlela yakho ikhokhelwe ukuya kuphi na? Ikhokhelwe ukuya eNineve, hhayi eTharishishi. Umiselwe ngaphambili. Umkhumbi wakho . . . Kukhona umkhumbi osukayo njengamanje, emgwaqeni wawo. Ngakho yinye kuphela into yokuba yenziwe, ngukungena kuwo. Futhi uma wawunjengoNkulunkulu, awusoze waba nokuthula . . .

126 Njengomshana wami omncane, esikhashaneni esedlule. Cishe sekuyiminyaka eyishumi manje, usehambe emuva naphambili. Ngokunye ukusa uya kulelibandla, lelibandla eliKatolika ezansi lapha, futhi uthatha leli ngenxa yalokho ufata ocwebileyo akhuluma ngakho ngapha, nomunye futhi ngala*pha*, nomunye nga*pha*. Konke kufinyelelaphi na? Niyabo? Futhi manje usalamba futhi uyoma. Ngathi, "Indawo yakho ise-altare ezansi lapho, ndodana." Niyabo?

Ayikho indlela yokuphuma kukho. Lapho uNkulunkulu eke waphuma wakulandela, usungavele nje uzidele futhi uqhubekele phambili. Yilokho kuphela.

127 Khumbula, uNkulunkulu! Awu, uNkulunkulu wayesesikebheni. UNkulunkulu wayesesiphephweni. UNkulunkulu wayesenhlanzini. Nomaphi lapho ayephendukela ngakhona, uNkulunkulu wayelapho.

Niyabo, uNkulunkulu ulapho, futhi kuyolokhu kukuhlupha. Ngakho pho silindelani kuze kube yisikhathi eside na? Asiyiqale kahle nje lemvuselelo. Kahle! Ulindeleni na? Sikholwa ukuthi ukuFika kweNkosi sekuseduze, futhi Izoba noMlobokazi, naWo uzilungiselele. Futhi asifuni mikhumbi eya eTharishishi. Siya eNineve. Hhe! Siya eNkazimulweni. Amen. Kunjalo. Siya

lapho uNkulunkulu ezobusisa khona, futhi yilokho esifuna ukukwenza.

128 Zeneke eBusweni bukaNkulunkulu, khona-ke, nezinhliziyo zethu; hhayi izandla zethu, kakhulu kangako, kodwa izinhliziyo zethu phambi kukaNkulunkulu, Aze asenze sivuthwe, ngempela ngempela, kanjalo, ngemisebe yenkazimulo yaKhe; futhi abhake kithi ukulunga kwaKhe—kwaKhe, futhi avuthwise lokho esinakho, kube yikho ngempela, niyabo, kuye lapho esingakhombisa khona abanye ukuthi uJesu Kristu uyaphila. O, he! Sifuna ukukholwa lokho.

129 Futhi khumbulani, lapho uJona aya khona, uNkulunkulu wayesesikebheni; uNkulunkulu wayesesiphephweni; uNkulunkulu wayesenhlanzini. Waqhubeka elokhu ehambisana noJona ngqo yaze yenziwa intando yaKhe ephelele. Kunjalo.

Futhi uma Elokhu ekulandela, ungahle ucashe nga*pha*, futhi ucashe nga*pho*, kodwa uyoba lusizi uze ubuye futhi wenze into owaqala ukuyiphumela yaKhe ukuyenza endaweni yokuqaqla. Niyabo? Ungahambi, ubaleke usuke eBusweni bukaNkulunkulu. Bhekana nakho. Uyakholwa ukuthi kuliQiniso, khona-ke kudedele. . . Uma kuliQiniso, kufanelwe ukukuphilela, ukukufela, noma yini okunye. Futhi uma Ake akuqinisekisa kuwe, ukuthi kuliQiniso, khona-ke singeke sakubalekela, ndawo. Uyoba lapho ngqo, ngokufanayo nje. Ungeke wakwenza.

130 Ngomprofethi waKhe ohlinzekiwe, lowo Amgcobele ukuba aye ezansi lapho futhi abize lowomlayezo. Manje, kwabukeka sengathi Wayefanele ukuba athumele omunye umprofethi, kodwa Wamisela uJona; futhi ngisho no-Eliya wayengeke akwenze; uJeremiya wayengeke akwenze; uMose wayengeke akwenze. KwakunguJona okwakufanele aye eNineve. Yilokho kuphela okwakukukho. Wayala yena futhi watshela yena ukuba ahambe. Futhi ngenkathi Ethi, "Yana lapho, Jona, yana eNineve," akekho omunye ongahamba ayokwenza lokho ngaphandle kukaJona.

Futhi lapho uNkulunkulu ekutshela okuthize, ufanele ukwenze; akekho omunye. Niyabo, sifanele nje sibhekane nakho, futhi, futhi sihambe sikwenze.

131 Sikholwa ukuthi siphila ehoreni lapho khona uNkulunkulu enza okuthize. Sikholwa ukuthi siphila phakathi kwawo manje. Ngikholwa ukuthi kulobubusuku ngishumayela kulelobandla eli—elilele, lilindile phandle lapho ukuba nje livuthwe. Ngi—ngikukholwa ngempela lokho, ngenhliziyo yami yonke. Ngingasho ukuthi kuyafana manje njengoba bekuhlala kunjalo.

132 Manje, sikholwa ukuthi ihora selifikile ukuthi uJohane oNgcwele 14:12 ufanele agcwaliseke. Thina, sikholwa ukuthi uMalaki 4 ufanele agcwaliseke. Sikholwa ukuthi uLuka 17:30 ufanele agcwaliseke. Siyakukholwa lokho, zonke leziziprofetho Athi ziyofezeka ngalolusuku. Sikholwa ukuthi zifanele

zigcwaliseke, futhi sikholwa ukuthi siyazibona zigcwaliseka njengamanje. Kunjalo impela.

133 Yima ukubaleka. Musa ukuphuma eBusweni baKhe; yenyukela nje eBusweni baKhe. Kunjalo. Futhi ngiyazi yilokho enifisa ukukwenza. Isizathu, ngibone amalayisense phandle lapho avela eTexas, neLouisiana, nasezindaweni zonke. Yilokho esikukhonela lapha, akusikho ukubaleka eBusweni baKhe, kodwa ukugijimela eBusweni baKhe.

Buya, phuma e. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . bekunguJona, uma ubumangala ukuthi yiyiphi indlela ozohamba ngayo noma wenzeni, woza, ngena emkhunjini kanye nathi kulobubusuku. Sehlela eTharishishi, ukumemeza kakhulu. . . noma, iNineve, ukumemeza kakhulu. Siyekela lowomkhumbi waseTharishishi uhambe wehle uma befuna. Sinomsebenzi phambi kukaNkulunkulu, lokho ngukuthi, uMlayezo esinesibopho ngawo.

134 Ngakho kuleliviki elizayo, isingeniso esincane nje kulobubusuku, ukunazisa. Lapho ngimemeza kakhulu, nginesibopho kuphela soMlayezo, bazalwane. Nina befundisi enihlezi lapha, angikho lapha ukulimaza imizwa yenu. Nani besifazane nabesilisa, ngaloludaba lomshado nesahlukaniso oluqubukayo, ngifuna nikhumbule kulobubusuku. Ngisho konke lokhu, ukuba ngifinyelelise lokhu kini, ukuthi nginesibopho kuphela kuNkulunkulu.

Bese kuthi-ke, futhi, nginesibopho kini, ukunitshela iQiniso. Futhi angizukunitshela lutho ngaphandle kweQiniso, inqobo nje uma uNkulunkulu engazisa ukuthi yini iQiniso. Ngize ngazi iQiniso, angizukusho lutho ngakho, niyabo, angizukusho lutho ngakho. Kodwa ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungikhombisa iQiniso ngo*Mshado NeSahlukaniso*, futhi ngethemba ukuthi Uzongivumela ngilikhiphe.

135 Futhi eminye imiLayezo engihlose ukuba nayo kuleliviki, ungukuthi, *Ubani LoMelkisedeki Na? WaKhetha Kuphi UNkulunkulu UkuBeka IGama LaKhe Na?* Nezimbalwa zalezozinto enjalo, eziyimiLayezo ezayo, ne*Zinhlungu ZokuZala*. Ne—nezinto ezimbalwa, ezi—ezikulolohlelo, nokugcwalisa ku *INdoda IKhetha UMkayo*. Nezinto ezimbalwa, leyomiLayezo, ngifuna ukuyikhuphula kuleliviki. Kodwa nje ngifuna ibandla. . .

136 Lapho, uma kubakhona umfundisi lapha; angikho lapha, bazalwane bami. . . Angifuni nina, noma abanye benu malunga, nibuyele ebandleni lenu, bese nithi, "UMfowethu Branhama usho *lokhu* na*lokhu*."

Ngibobhezelekile eMlayezweni onikwe mina uvela kuNkulunkulu uSomandla. Njengoba ngimi lapha kulobubusuku, noNkulunkulu uyazi ukuthi lokho yiqiniso, ukuthi khona impela ezansi kulomfula. . . Kukhona abantu,

mhlasimbe, abahlezi lapha, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi yehlela lapho futhi yangitshela ukuthi Yenzani, khona lapho ngo 1933, khona ezansi kuloMgwaqo uSpring lapha. Uma uyisihambi lapha, shayela wehle ngqo. Yikhona loMgwaqo uSpring, lapho lapho oshaya khona emfuleni, futhi kulapho okwenzeka khona. Lokho bekungo 1933. Sekuthi akube cishe yiminyaka engamashumi amathathu-nambili eyedlula, khona-ke. O, sekube ngamashumi amathathu-. . . sekube ngamashumi amathathu-. . . iminyaka engamashumi amathathu-nambili eyedlula, iminyaka engamashumi amathathu-nambili eyedlula.

Nokuthi Ukwehlise kanjani lokho ngqo, yonke into. Futhi siphumile, siletha uMlayezo, futhi sibone abagulayo bephulukiswa, izimpumputhe, nabakhubazekile, nezishosha, nezinyonga, nakho konke. Ngase-ke ngibona ngisho nabafile, esibaziyo obeqinisekisiwe, bavuka kwabafileyo. Abantu bafe, futhi bavuka babuyela ngqo ekuphileni futhi, nazo zonke lezizinto. Uma uMlayezo uphuma, kukhona izibonakaliso nezimanga!

137 Futhi nisalokhu niwubona lowomqondo ofanayo omdala eniqhamuka nawo na? Lokho akuvelanga kuNkulunkulu. UNkulunkulu akadingi nje ukwenza . . .

UNkulunkulu uzama ukuthola ukunaka kwenu kudonseleke koKuthize.

138 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu ephuma, Waqala ukuphulukisa abagulayo, futhi enza imisebenzi emikhulu nezinto. Yena, njalo, Yena . . . UJesu wakwenza. NoMose noJesu bakwenzile, nabobonke abanye. Futhi ngenkathi Elapha, Wakwenza.

Futhi Uyakwenza, into efanayo namhlanje. Lapho Ethumela umhlangano onjalo, izimvuselelo, futhi aqale umhlangano emhlabeni, futhi aqale ukuhambisana nalezizibonakaliso ezinkulu nezimanga. Futhi khona-ke niyabona, siyabuya, lesosikole esidala esifanayo sokufundisa, kukhona—khona okungalungile lapho ndawo ndawo. Kukhona okuthize okusha okuzayo! Lapho uJesu ephuma, kamuva, lapho . . .

139 "UnguRabi omuhle." Wayengaya kunoma yiliphi ipulpiti ashumayele, ngenkathi Ephulukisa abagulayo. Ngenkathi, o, babekuthanda ukuba naYe ngaleya.

Kodwa ngeliny'ilanga ngenkathi Ehlala phansi, wayesethi, "Mina noBaba siMunye," mfowethu, Akabanga ngothandwa ngabantu kangako emva kwalokho. Ngenkathi Ethi, "Uma ningadli inyama yaMi, niphuze iGazi laMi, aninakuPhila kini. Kodwa odla inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuphakade; futhi Ngiyomvusa ngomuhla wokuphela." Khona-ke, Akabanga ngothandwa ngabantu kangako kusukela ngalesosikhathi.

140 Bathi, "LoMuntu uyizimuzimu. LoMuntu unguBelzabule. Yileyondlela Enze ngayo lezozinto. Wayengabhula. Wayebuka phakathi ezingqondweni zabo—zabo futhi ayibone imicabango yabo. Ungumbhuli."

Kodwa, okwakuyikho, Wa—WayeyiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa lalelohora. Futhi Wayebophezelekile. Wathi, "Ngenza njalo lokho okuthandekayo kuBaba waMi." Nkulunkulu sisize ukuba senze into efanayo, senze lokho okuthandekayo kuBaba.

141 Futhi ngethemba ukuthi nonke nizoqonda. Uma ningavumelani nami ngaleMilayezo nezinto, ukuthi nizokhumbula, okungenani nibe nalenhlonipho, ukuthi nginesibopho, futhi angiyi eTharishishi. Ngisendleleni ebheke eNineve, futhi ngi—ngifanele ngimemeze kakhulu. INkosi inibusise nonke.

Asikhothamise amakhanda ethu manje okomzuzwana nje.

142 Sekucishe kugamanxe elesishiyagalolunye. Angifuni ukunigcina, kodwa ngifuna ukuthola lokhu uma ngingaphumelela, kulobubusuku. Ngabe bakhona abanye lapha o—ongekho ngempela lapho ofanele ubekhona kuKristu, kodwa u—ubungafuna ukuba nguye, futhi ufisa ukuba nguye, ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele"? UNkulunkulu anibusise, bukani nje izandla. "Ngi—ngifuna . . . Ngilapha, Mfowethu Branham, ukuba ngisondele kakhulu kuNkulunkulu."

Futhi uma ikhanda lakho beliphakeme, isandla sami—sami siphakeme, naso. Yilokho engikukhonela lapha. Ngilambile, njengoba ninjalo.

143 Kodwa, o, ngeliny'ilanga, enye yezinto ezinhle kunazo zonke yenzeka, futhi ngi—ngiyazi manje ukuthi ngenzeni. Futhi ngi—ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzoninika lokho kuqonda okucacile. Kulapho. I . . . Uma kunombuzo engqondweni yakho, kuzofanele kubekhona impendulo ndawo ndawo, ukuphendula lowombuzo. Umkhuleko wami, ungukuthi, uNkulunkulu anibonise lowombuzo uphendulwa ngalesisikhathi.

144 Uma ugula, sengathi uNkulunkulu angakuphulukisa. Sizoba nezinkonzo zokuphulukisa, ngiqagele, ngokwenza ubusuku ngobusuku, futhi sizokhulekela abagulayo. Sizokwenza noma yini esingayenza ukunisiza, nani nenze konke eningakwenza ukusisiza. Futhi sizosebenza ndawonye, sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosipha umhlangano omkhulu.

145 Manje, Baba Nkulunkulu, lamazwi ambadlwana asikayo, kodwa asezandleni zaKho manje. Nkosi, aseshiwo. Ngizodingeka ngihlangabezane nakho. Nje njengo . . . Lawomazwi soze afa; ahamba ajikeleze ajikeleze umhlaba, erekhodini, futhi ngeliny'ilanga ngiyofanele ngibuye ngibhekane

nakho ngqo futhi. Ngiyakuqonda lokhu, Nkosi, futhi ngikusho ngokujula kobuqotho.

146 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, kulobubusuku, ngamunye walaba, abantwana baKho. Futhi, O Nkulunkulu, ngiyethemba, lingakapheli iviki, bazo—bazoqonda; ukuthi umbuzo, omkhulu kakhulu engqondweni yabo kulobubusuku, uzoxazululwa. Siphe khona, Nkosi.

147 Kukhona abanye lapha ongakwazi Wena, Baba, njengoMsindisi, namanje, noma mhlawumbe ongakaze agcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Sengathi lobu kungaba yilobobusuku.

148 Nkosi, ngeke ngagcwalisa-muntu ngoMoya oNgcwele; kanjalo ngeke ngasindisa-muntu. Kuphela ngingabatshela lokho Okushilo, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzodala ukulamba okunjalo ezinhliziyweni zabo.

Abaningi, Nkosi, bafanele balambe; bebengashayela kanjani lamakhulu amamayela, eqhweni nakho konke, naphezu kwezintaba ezinemvula, nangale kwezingwadule, ukuba beze endaweni endala encane behlezi lapha ekhoneni! Khona-ke ngiyacabanga futhi, Wena wathi, "Lapho kukhona khona isiDumbu, yilapho izinkozi zizakubuthana khona." Sondle, Nkosi, phezu kweMana yaKho yobuNkulunkulu. Yipha imiphefumulo yethu lokho esikudinga ngempela. Silambele Wena, Baba. Sisezandleni zaKho manje.

149 Vumela uMoya oNgcwele omkhulu owehlela entabeni ngeliny'ilanga phezulu lapho, ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa yonke inhliziyo ephakathi lapha ngokulunga nesihawu saKhe, ngokuqonda. Siyaqonda, Baba, yilokho esikudingayo, ngukuba siqonde. Ngokuba uma singazi ukuthi senzani, pho-ke sazi kanjani ukuthi kwenziwa kanjani na? Kodwa sifanele sibe nokuqonda. Njengoba uDaniyeli asho, wayenoku "qonda ngokuLoba kukamprofethi uJeremiya." Futhi, Baba, sinokuqonda ngokuLoba kukaMoya oNgcwele, njengoba EzoKwembulula kithi ngalelihora. Siphe, Nkosi, izifiso esinazo ngaWe. Ngomusa sicela lokhu, Baba, ngenkazimulo yaKho, eGameni likaJesu Kristu.

150 Manje amakhanda ethu ekhotheme. Njengoba udadewethu eshaya amanothi lelo, "Uzonginika umusa nenkazimulo, futhi ahambe nami yonke indlela." Ngifuna ukuba nje nikhuleke ngokuthula manje futhi nicele uBaba waseZulwini ukuba Uzonipha, kulobubusuku, lokho enikudingayo.

151 Othandekayo umfowethu, othandekayo udade, Usondele nje njengoba ingalo yakho injalo kuwe. Nina, ningikholiwe kwe—kwezinye izinto, ngikholweni kulokhu. Ulapha ukuninika noma yini eniyidingayo.

152 O, amaviki ambalwa edlule bengilambe kakhulu, ngome kakhulu, ngikhumbule ekhaya kakhulu, ukunibona. Yingalesosizathu ngithe, "Billy, asambe siye ekhaya."

UMeda uthe, "Yini oyifuna ukubuyelela lapho, kulelozwe elibandayo futhi, Billy na? Uhlala njalo uphathwa umphimbo nakho konke. Uhlala njalo uphuma, futhi uphathwe umkhuhlane wekhanda, futhi ushe izwi, futhi awukwazi ukukhuluma neze."

153 Ngathi, "Awu, angazi." Ngathi kuye . . . Ngibona umngane wami, uCharlie Cox, ehlezi emuva lapho. Ngathi, "Ngilangazelele nje ukuzwa uCharlie ethi, 'Leyongwejeje encane igibele kulesosihlahla ngaleya.' Ngikulambele nje kakhulu ukukuzwa." Ngi—ngifuna nje uku—funa ukuba ngakini.

154 Ngiyazi uMfowethu Banks wayegula ngempela. Futhi ngabona umbono ngaye, lapha esikhathini esingeside esedlule, futhi wayelele ngomhlane wakhe. Futhi ngiyazi usondela eduze impela ukusuka kithi, maduzane nje. Lapho ngibuka abehlukene benu . . .

155 Ngiyafika ngobunye ubusuku, emhlanganweni weChristian Business Men, nezizwe ngezizwe. Omdala u "Babayi" Shakarian, ubaba kaDemos, wayevamise ukuhlala lapho futhi elokhu ebhekile nje ngize ngingene, bese-ke emamatheka, nalokho kuvayizela okuncane ayevayizisa kimi. Wayengekho lapho. Usehambile.

Ngabe-ke sengidingeka ngize kulowomndeni, no ISHO KANJE INKOSI, indodakazi yabo izofa, nayo. UFlorence, ngambona embonweni, ngambona ehamba. Futhi ngiyazi uyahamba. Futhi ngathi, "Khulekani, khulekani nje. Niyazi kukhona . . . Umprofethi ngesinye isikhathi watshelwa ukuba ahambe ayotshela inkosi ukuba ihlele indlu yayo. Futhi yakhuleka, futhi Wakusindisa ukuphila kwayo, kweluleka ngeminyaka eyishumi nesihlanu." Ngathi, "Khulekani."

156 Kodwa, bukani, futhi ngi—ngiyabuya . . . Ngahlala ngapha esitolo othenga udlele kuso, ngeliny'ilanga, ngidla. Indoda yenyukela kimi, yathi, "Awusuye uBilly Branham na?"

Ngathi "Yebo."

157 Cishe yayingangazi, ngoba *lokhu* kulelibala lempandla ekhanda lami. Ngangigqoke lesisiqeshana sezinwele ukuvimbela ukuphathwa umphimbo ngesikhathi salomhlangano.

Yenyukela kimi, yathi, "Bengicabanga ukuthi bengikwazi, Billy."

Ngathi, "Yebo." Ngathi, "Ungubani wena?"

Yathi, "NginguJohn Warman."

Ngathi, "Unjani uZip?"

Yathi, "Billy, ufile." E!

158 Ngangiza ngehla ngedlula ngasendlini yenkantolo; ngehlela ukuyokhokha izintela zami. Ngiza ngehla ngedlula ngasendlini yenkantolo, nenekazi langimemeza kakhulu, futhi lathi, "Bewazi nje ukuthi uJohn akasekho na?" Noma, elinye igama. Kungahle ukuba kwakungesuyena uJohn; uEd, noma okunye. Futhi ngathi . . . Ngangingamazi owesifazane. Ngazizwa ngiphoxeka. Futhi ngathola ukuthi, ngangingazi ukuthi wayengubani.

Wathi, "Uyakhumbula ngobunye ubusuku obumnyama ngenkathi umfula wawuphezulu phezu kwezingwi phandle lapha, nezindlu ziguguleka, ngale eSitaladini uChestnut, futhi wafaka impilo yakho engcupheni ukuba uye endaweni futhi ukhiphe owesifazane nabanye abantwana abancane na?"

Ngathi, "Unguye na?"

159 Wathi, "Ngi—ngiyilelonenekazi." Uqala ukukhalela ingane yakhe; niyayazi indaba yami. Wathi, "Leyo engayibiza nge 'ngane yami,' isishadile futhi inomndeni." Niyabo? Futhi nansi, isindala isimpunga; futhi nakhu nami nginjalo, futhi.

160 Ngamunye ngamunye, amakhadi ethu ayakhishwa eshalofini, njengoba kwakunjalo. Futhi sinemihlangano, futhi ngilahlekelwa yi*lo*, ngilahlekelwe yi*lowo*. Sonke sizofanele siqhamuke silahleke, ngolunye lwalezizinsuku.

Kodwa, mfowethu, dadewethu, kukhona iNdawo yokubuthana. Asiqiniseke manje ukuthi sikahle. Nizoqiniseka na? Singavumeli konke ukuqonda kwethu uNkulunkulu, nokunye nokunye, kuye ezeni. Asikholweni.

161 Baba, basezandleni zaKho. Ngisezandleni zaKho, Nkosi. Silapha kuphela ngokuzinikela manje, ngaphambi komhlangano ozayo oqala kusasa ebusuku. Uzosisiza, Nkosi na? Sengathi eyethu—sengathi eyethu ingxoxo ingahlala njalo ikuWe! Sengathi izinhliziyo zethu nemiqondo kungahlala kukuWe, futhi Wena wathi Uyosigcina ekuthuleni okuphelele. Kulotshiwe futhi eBhayibhelini, "Ninganciki kokwenu ukuqonda." O Nkulunkulu, asikufuni ukuqonda kwethu; sifuna ukuqonda kwaKho. Siphe khona, O Nkulunkulu. Futhi sengathi imvuselelo ingafika phakathi kwemiphefumulo yethu kuze kuthi lokhu ukuminyana kwabantu kuzoba nje yinhliziyo eyodwa nokuvumelana kunye. Siphe khona, Baba. Siphe lezizinto, sisakhuleka eGameni likaJesu Kristu.

> Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
> Ukuphumula ngapheseya komfula.
>
> Esiphambanweni, esiphambanweni,
> Yiba eyami inkazimulo-. . .

Asiphakamiseni izandla zenu.

. . . njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Jesu, ngigcine esiphambanweni,
Kukhona uMthombo oligugu,
Ungesihle ku . . . (Yebo, Nkosi, ungesihle.) . . .
umfudlana wokuphulukisa,
Ugeleza uvela emthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

162 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Eduze KwesiPhambano*—Umhl.] O Nkulunkulu! Uma ekhona kini ozizwa sengathi uthanda ukwenyuka futhi uguqe phansi ngase-altare, uma nje uthanda ukuza, uthi, "Angikho lapho engifanele ngibe khona, Nkosi. Ngi—ngifuna ukwenza ukuphinda ukwehlukanisa. Ngifuna ukukwenza kulobubusuku, Nkosi." Wemukelekile ukuza. Sizoba lapha ukukhuleka kanye nawe.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
O, yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

Jesu, ngigcine eduze kwesiphambano,
Kukhona uMthombo oligugu,
Ungesihle kubo bonke, umfudlana
wokuphulukisa,
Ugeleza uvela eMthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

163 Asikhuleke nje, yilowo nalowo ngendlela engeyakho manje. Nje—nje khohlwani yisikhathi. Asikhothamise amakhanda ethu nje eBusweni baKhe. Lelinenekazi elincane lapha, limemeza kakhulu, "NgiyaKuthanda, Jesu!" Uyakhumbula ngenkathi usindiswa, eminyakeni emininingi eyedlula, uyakhumbula ukuthi kwakumnandi kanjani lokho kuwe na? Usemnandi nje nakulobubusuku. Asikhuleke, wonke umuntu ngendlela engeyakho manje. Asivele—asivele sizahlukanisele thina sonke kuNkulunkulu, sizinikele nje eNkosini.

164 Nkosi Jesu othandekayo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

UMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Kungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini kungesuWe na?

Nkulunkulu othandekayo, siyakhuleka manje ukuthi isihawu nomusa waKho kuzothunyelwa phezu kwalowo nalowo wethu, Nkosi. Silapha sizungeze i-altare. Abaningi abakwazanga ukukhuphuka; Uzohlangabezana nabo ezihlalweni zabo. Noma yini esiyinikelayo, Nkosi, Wena uyavuma ukukwemukela. Uma nje siKunika isikhathi sethu, Uzosemukela; italente, Uzolemukela. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, kulobubusuku siya ngale kwalokho, sinikela konke esiyikho. Konke engiyikho, konke lokho engike ngibheke ukuba yikho, konke kukuWe, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzothatha lokhu, imikhuleko yethu, ibe senhliziyweni yaKho, Nkosi, futhi usiphe kokujulile kakhulu koMoya oNgcwele, ukuthi izimpilo zethu zizoguqulwa. Ngokuba, siyabona ukuthi sesiseduze kokuphela manje. Akusezukuba kude kakhulu. Futhi njengoba sibona abathandekayo bethu bencipha, usuku ngosuku, abasha nabadala, siyazi masinya kufanele kungqongqoze emnyango wethu. Futhi kulobubusuku, Nkosi, sisekahle emqondweni wethu, sihlezi lapha, noma siguqe lapha, simi lapha, noma yisiphi isimo esikuso, samukele, Nkosi Nkulunkulu.

165 Thatha mina, Nkosi. Angilutho, kodwa noma ngabe ngiyini, Nkosi, uma Ungathola noma yikuphi ongakusebenzisa kimi, ngizinikela mina uqobo kuWe.

166 Ngikhulekela, Nkulunkulu othandekayo, ngamunye walaba. Lababantu abathandekayo engama ngaleya ezintabeni e-Arizona futhi ngakhala ngabo, futhi nampa baguqe bazungeza i-altare kanye nathi kulobubusuku, bekhuleka, sehlukanisela izimpilo zethu. SiyaKuthanda, Baba, ukwedlula izimpilo zethu uqobo. Sithanda Wena ukwedlula imindeni yethu. Sithanda Wena ukwedlula unkosikazi, abantwana, ubaba, umama, udade, umfowethu, umyeni, unkosikazi. SiyaKuthanda, Nkosi Jesu. Kwenze lokho kube yikho ngempela ezinhliziyweni zethu, Nkosi. Thululela amafutha enjabulo, kuleliviki, Nkosi, emiphefumulweni yethu. Siphe ukubhukuda, ukugeza kweZwi, ngamanzi eZwi, lisehlukanisela iQiniso.

167 Abaningi lapha kulobubusuku, Nkosi, futhi bazoba lapha, odidwe yilezizindaba esemqoka. O Nkulunkulu, vula lowomthombo endlini kaNkulunkulu, lowo—lowo owokuhlanza thina. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosigeza futhi usihlanze eGazini laKho, futhi usenze izidalwa ezintsha. Futhi usiphe umusa namandla okuqina, ukwethula iZwi leQiniso esambulweni saLo sobuNkulunkulu soBuntu bukaJesu Kristu.

Sengathi Angabonakala phambi kwethu, Nkosi. Sengathi Angeza futhi aphulukise ukugula kwethu, athethelele izono zethu, agcwalise izinhliziyo zethu ezilambile ngezindaba ezinhle zentokozo enkulu, iVangeli elibonakaliswe ezimpilweni zethu.

Busisa wonke umelusi, wonke ohola amaculo, wonke uthisha kaSonto sikole. Sibusise sonke, kanyekanye, Nkosi, ngokuba qiniso siyaKuthanda. Futhi manje singabaKho, Nkosi, kulokhu kuzinikela. EGameni likaJesu Kristu, sisebenzise manje ngokwentando yaKho uQobo.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Niyakuthanda lokho na? Asicule futhi.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nosizi lwanda macala onke kimi,
O, yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama bube yimini,
Sula izinyembezi zokudabuka,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eduze kwaKho.

Ngabe lokho kunenza nizizwe nikahle na? Bangaki othanda ukucula lawomaculo amadala na? Ngiyawathanda nje. Aniwathandi nina na?

O, siyamasha siya eSiyoni,
Enhle, enhle iSiyoni;
Siyamasha siqonde phezulu eSiyoni,
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eSiyoni,
O, enhle, enhle iSiyoni;
Siyamasha siqonde phezulu eSiyoni,
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Wozani, thina esithanda iNkosi,
Futhi izinjabulo zethu mazaziwe,
Sivume iculo ngokuvumelana okumnandi,
Sivume iculo ngokuvumelana okumnandi,
Futhi kanjalo sihaqe isiHlalo sobukhosi,
Futhi kanjalo sihaqe . . .

Manje, asisukumeni manje sisalicula. Xhawulanani.

. . . masha siya eSiyoni,

Busiswa, dadewethu! Busiswa, dadewethu! Busiswa, mfowethu! Busiswa, dadewethu!

LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Asiphakamiseni izandla zethu manje kuNkulunkulu.

O, siyamasha siya eSiyoni,
Enhle, enhle iSiyoni;
Siyamasha siqonde phezulu eSiyoni,
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

O, siyamasha siya eSiyoni,
O, enhle, enhle iSiyoni;
Siyamasha siqonde phezulu eSiyoni,
LowoMuzi omuhle kaNkulunkulu.

Akunenzi yini lokho nizizwe nimangalisa na? He, he! O, asiphakamiseni izandla zethu nje futhi nje siMdumise ngendlela engeyethu.

168 Nkosi Jesu, Wena uyiNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa eKhazimulayo, Muhlekazi wabayizinkulungwane eziyishumi emphefumulweni wami. Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami, ngaphezu kokuphila kimi! SiKuthanda kanjani! Sizwe, O, Nkosi. SiKubonga kanjani! O! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] SiKudumisa kanjani! Busisa laba, Nkosi noMsindisi wethu oligugu! Siphe lezizinto, Nkosi. Siphe khona . . .?. . .

. . . eduze nesiphambano,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

169 Ngandlela-thize, enye, ngizizwela nje ukuthi siyahamba . . . Kukhona okuthize okusihlalele ngaphambili ngqo. Manje, khumbulani nje, ngikholwa ukuthi ngiyaprofetha. Ukujabula okukhulu kusihlalele. Kukholweni. Kunjalo. Izinhliziyo eziningi ezidabukileyo zizokwenziwa . . . Izimfihlakalo ezinkulu zizocaciswa, nabantu abadabukile bazophendulelwa enjabulweni.

Eduze nesiphambano, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
Uze umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

170 NjengoJohane wasendulo, lapho eseguge kakhulu ukuba ashumayele, wayevele nje ahlale amemeze kakhulu, bayangitshela, ngawo onke amandla akhe, “Bantwanyana, thandanani!” Thandanani. Ningavumeli lutho lufike phakathi kwenu, niyabo. Gcinani konke, yonke into isuke e . . . Ya, akunandaba ukuthi kuyini, bhekanani nakho. Sisendleleni eya eNineve. Niyabo? Ningagibeli kulowomkhumbi omdala waseTharishishi, onikhiphayo kwenihambisana nabo. Masiqhubekele phezulu ngqo

emfudlaneni wezibusiso zikaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi sizoba nakho. Ngiyamkholwa uBaba wethu.

171 Uzizwa ungcono manje, dadewethu na? Lokho kuhle. Yileyondlela engithanda ukubona ngayo abantwana bezalwa, abezayo.

Ngingacabanga nje ngeminyaka eseyadlula, kuzo lezizinkundla, ukuthi zingaki izinkulungwane ezalwe khona ngqo eMbusweni kaNkulunkulu, kuyo lenkundla. Sasazi kancane kanjani, ngenkathi simi lapha sinamamasente angamashumi ayisishiyagalombili ephaketheni lethu, ukwakha ngawo indlu yokukhonzela! O, Wathi, "Mina iNkosi ngikutshalile; Ngiyakukunisela imini nobusuku." Futhi Ukwenzile. Ukwenzile.

UNkulunkulu anibusise. Manje lapho sikhothamisa amakhanda ethu . . .

172 Manje, kusasa ebusuku, khumbulani, izinkonzo zizobanjelwa enhla ehholo elikhulu lesikole lapha. Futhi uma . . . Sizoba nothize omiswe lapha manje, ukukhombisa abantu ukuthi kufinyelelwa kanjani lapho, ngoba abasebasha bazobe bengena.

173 NiyaMthanda, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, Akamangalisi na?

174 Ngangimi ezansi lapha ogwini, futhi ngicula leloculo elidala:

> Ngima ezingwini zeJordani ezinezivunguvungu,

Cabanga, lokho sekube yiminyaka engamashumi amathathu eyedlula, amashumi amathathu-nantathu, iminyaka engamashumi amathathu-nantathu eyedlula.

> Bese ngiphonsa iso elilangazelelayo,
> Ezweni laseKhanani elihle nelijabulisayo,
> Lapho amafa ami ekhona.

Futhi abaningi ngababhaphathiza, ngalokho kuhlwa, sebengaleya manje. Lapho, bama lapho futhi bayibona leyoNkanyezi yoKusa yehla ivela emazulwini, ishaya indingilizi kanjalo, yathi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukuletha, ukubikezela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uzobikezela ukuFika kwesibili." Kwakungacatshangwa kanjani na? Kodwa, onke amaZwi kaNkulunkulu aqinisile, onke amaZwi kaNkulunkulu. Siphila eBusweni boMbusi omkhulu. UNkulunkulu anibusise.

175 Sisakhothamisa amakhanda ethu, ngizocela uMfowethu Neville, umelusi wethu oligugu, ukuba eze lapha futhi asikhiphe ngomkhuleko.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville.

